# *ISibonakaliso Esikhulu*

Ngiyabonga. [Umfowethu uthi, "Futhi sifuna ukukumema ubuye, amen, cishe unyaka kusuka manje, noma nini. Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga kakhulu. UNkulunkulu akubusise. Ngiyabonga. Ngiyabonga, kakhulu. He, lokho kungenza ngizizwe ngamukelekile ngempela. Ngiyabonga kakhulu. Ngiyakuthakasela lokho.

2 Futhi ngezinye izikhathi abefundisi, niyazi, lapho sifaka yonke imizamo esingayenza kunoma yini, bese-ke ubona ukuthi kuyathakaselwa ngabantu, he, lokho nje kukwenza uzizwe ukahle kakhulu. Ngiyanithakasela ngempela, ngiyohlale nginikhulekela. Futhi uma iNkosi ithanda, ngizobuya futhi. Futhi ngingathanda ukubuya futhi ngibone . . . [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Uma Elibala futhi kuyintando yaKhe, sizobuya sizonibona futhi.

3 Lolu olwami, ngiyakholwa, cishe uhambo lwami lwesithathu lapha empeleni. Futhi ngakho-ke besinethemba lokubuya lapho singakwazi ukuhlala mhlawumbe isikhathi esidana, sithole izindawo, nokunye nokunye, okwesikhathi esidana no . . . [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Kube yi—yinjabulo enkulu, omunye wemihlangano emihle kunayo yonke esibe nayo esikhathini eside, isikhathi eside, inhlanganyelo enhle kangako, ukubambisana, uthando. Leyo yinto encibilikisa izinhliziyo zabantu ndawonye, luthando lukaNkulunkulu.

4 Futhi konke engikwaziyo, futhi ngiyokwenza . . . Ukuba benginazo zonke iziphiwo zikaNkulunkulu endaweni enkulu kakhulu ebengingangena kuyo futhi ngemukele noma yisiphi isiphiwo ebengisifisa, bengiyokwamukela uthando ngaphezu kwanoma yisiphi sazo. Ngingamane ngibe nothando kunazo zonke iziphiwo uNkulunkulu anazo, ngoba "lapho okukhona izilimi, ziyonqamuka; lapho okukhona isiprofetho, siyohluleka," kodwa uma kuluthando, luhlala inguna phakade, futhi mina . . . uthando.

5 Ngicabanga nje ukuthi lelo elikhulu, igama elihle kunawo wonke, *uthando*. Lihlaziywe emagameni amabili ehlukene. Kukhona u—uthando olubizwa ngokuthi uthando i *phileo*, lolo uthando esinalo omunye komunye, lwemvelo. Bese-ke kuba khona uthando i*Agapao*, oluvela kuNkulunkulu, lokho izinhlonipho zokwesaba uNkulunkulu nothando. Futhi ngijabula kakhulu ukuba lapha kulenhlanganyelo kulentambama lapho kusebenza khona zombili izigaba zothando, sihlanganyela omunye nomunye, nothando lukaNkulunkulu olwachithwa ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele.

6 Ngifuna ukubonga lelokhwaya elincane. Futhi uMfowethu Borders usanda kufika futhi washo kimi, uthe, "Mfowethu Branham, leyo akusiyo ikhwaya ekhethiwe, labo ngabantu bomkhankaso nje, abehlukene nje." Ufanele uthole igama lomunye nomunye futhi ubumbe ikhwaya, lokho kuhle ngempela. Futhi ngiyawuthanda ngempela umlayezo wenu futhi, ukuthi nizelwe ngokusha. Ngiyajabula ukuhlanganyela nani kulokho, Nami ngizelwe ngokusha futhi ngoMoya ofanayo nasemndenini ofanayo, futhi ungumfowethu nodadewethu ngalokho.

7 Yileyondawo kuphela inhlanganyelo engake ibekhona, kungaphansi kweGazi likaJesu Kristu. UNkulunkulu wenza isinqumo, kufanele kube ngaleyondlela ingunaphakade. Futhi isinqumo sokuqala sikaNkulunkulu sokuletha abantu enhlanganyelweni naYe uqobo kwakungaphansi kwegazi, kusukela ensimini yase-Edene kuze kube yiwo kanye lo mzuzu, yileyondawo kuphela ukuthi iTestamente eLidala, indawo eyodwa kuphela, eyayingaphansi kwegazi. UJobe, wama ngokucace kanjani kulokho, azi ngenkathi bembiza ngesoni esifihlakele, nokho wayazi ukuthi wayengaphansi kwegazi elichithiwe, futhi yonke into yayifanele ilunge. Ngakho siyajabula ngalokho namuhla.

8 Angazi nje ukuthi ngingakudlulisa kanjani ukubonga kwami ngalababazalwane abakahle lapha, nina bazalwane. Ukuthi nibe bahle kanjani, angikaze ngibe noxhaso oluhle kakhudlwana empilweni yami, nivele naba phezulu kukho konke. Ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzobeka umlilo wemvuselelo emabandleni enu ngalinye okuzovele—vele, nizodingeka nakhe amabandla amakhudlwana, futhi nelule, futhi nikhuphule amathende enu, futhi nelulele phambili, futhi niqhubeke nje ngqo. Futhi sengathi imililo yemvuselelo ingephele size sibone uJesu ubuso nobuso.

9 Akukaze kube khona into esiyicelile noma yini, ngaphandle kwalokho leliqembu lamadoda elivele laphelela nje ukusiza ngazo zonke izindlela abebengakwazi ngazo, lihlezi phezulu lapha emsamo, limele uMlayezo. Futhi, niyazi, ngamunye wethu angaba nokuthize okuncane *lapha* noma *lapho* esingahle singavumelani omunye nomunye, alikho nelilodwa igama elashiwo, noma ngabe kuyini, siyalithatha bese siqhubeka ngqo. Manje, yilokho enikubiza ngenhlanganyelo, kunjalo, inhlanganyelo yangempela.

10 UNkulunkulu anibusise, bazalwane bami. Ubusuku abubi mnyama kakhulu neze, noma imvula ine kakhulu kakhulu, kodwa ebenginganenzela noma yini ebengingakwenza, nginikhulekele ngaso sonke isikhathi. Ngikhulekeleni, ngilungiselela ukufinyelela ezinkundleni zemishini, nezinye izindawo ezimahhadlahhadla, ngizobe ngincikile, ngineqembu labazalwane lapha elingikhulekelayo. Niyabo?

11 Ngethemba ukubuya kanye nani futhi maduze, ngesinye isikhathi lapho singahlala khona isikhathi eside ngokwedlulele, futhi—futhi nje sibe nesikhathi lapho singeke sidinge ukushesha singene, futhi sigxumele ngaphandle, futhi sigxumele phakathi kanjalo. Lokho kwenza wonke umuntu ethuke, futhi khona, abantu abakhulekelwe, kubenza babe nokwethuka. Cishe ngesikhathi nje abaqala ngaso ukuzama ukuqonda ingxenye lokho oshayela ubheke kukho, khona-ke ufanele uhambe, niyabo, futhi abakutholi.

12 Kodwa mangisho lokhu kini: Uma ngifumene umusa emehlweni enu, bazoba baningi, abantu abaningi abeza lapha obegula, angeke mhlawumbe bakwazi ngalesisikhathi, kodwa bukani futhi nithole emabandleni enu nezinto, bazalwane, kube khona i. . .izinto eziningi kakhulu ezenzekile lapha kuze kuthi bengingekwazi ngisho nokuzibiza kuzwakale phezu kwezethameli kanjalo, ngokushesha nje okungenzeka. Futhi angikwazanga nje ukukwenza, futhi ngacabanga, "Awu, inqobo nje uma ababili noma abathathu, noma abane, abahlanu, abayisithupha, noma ngabe bekuyini, kukhulunywe nabo, bonke abanye bebezoqonda." Kube khona ukukholwa okuhle phandle lapho, nokukholwa lapha, yonke indawo bekukhona ukukholwa okuhle, ngiyakuthakasela.

13 Futhi uku. . .Nginabanye babazalwane bami lapha engingakababoni okwamanje emhlanganweni, Ngibabonile ngale ebandleni le. . .esinagogeni ngelinye ilanga. UMfowethu Fred Sothmann, omunye wabaphatheli bethu ophuma ebandleni, weMfowethu Fred, ngabe ukhona na? Sukuma, uma ukhona. UMfowethu Fred Sothmann, emuva le ngasemuva lapho, yena nomkakhe nomndeni.

14 Futhi ngiyaqonda ukuthi uMfowethu Tom Simpson ulapha futhi, abangani baseCanada abagogobele kanye nathi eJeffersonville. Ukuphi, Mfowethu Tom nomndeni wakhe na? UMfowethu uTom naye emuva, manje ukusuka lapha phandle kuthi ukuba nzima, ukukhanya kukhanyisa ku*lokho* laphaya, angikwazi ukubona.

15 UMfowethu Banks Wood, umfowethu okahle owayenguFakazi kaJehova, futhi uza komunye wemihlangano, futhi wabona ukuthi iNkosi yayiphathelene kanjani. Futhi owesifazane, noma, inenekazi eliselincane elalinalokhu lapha. . .laliphenduka itshe emilenzeni nasezingalweni zalo, lalingakwazi ukuzinyakazisa, zaziyisicaba nje. Futhi salikhulekela, uMoya oNgcwele wehla ngobunye ukusuku, futhi wakumemezela, futhi khona-ke walitshela, "ISHO KANJE INKOSI, uzoba kahle." Futhi ngakusasa ekuseni, laligijima lehla lenyuka izitebhisi ezintathu noma ezine ezixhumanisa izitezi, futhi lingena esakhiweni lidumisa uNkulunkulu ngosuku olulandelayo. Manje, lokho kwamethusa.

16 Ngakho wayenomfana, uDavid, umfo omncane, wayenovendle, umlenze oshwabene ngaphansi kwakhe. Ngasuka kulowomhlangano ngaya eSweden, eSwitzerland, noma, eSweden, ngikholwa ukuthi kwakukhona, naseNorway. Kwase kuthi-ke lapho sengibuya ngaba nomhlangano enhla e . . . enhla e-Ohio lapho, ngiyalikhohlwa igama lendawo, ngaseGreat Lakes.

17 Futhi ngobunye ubusuku, ngisakhuluma, nesixuku esikhulu sabantu, futhi ngabona umfanyana egqoke ijakhethi ephuzi, enomlenze oshwabene, eqhuga ezansi lapho ezama ukuhamba. Futhi uMoya oNgcwele waphendukela kuBanks Wood, ezansi le ukusuka eLaGrange, eKentucky, no—umfana omncane okhubazekile, futhi iNkosi yayizomphilisa, wayezophulukiswa. Akudingekanga ukuthi alinde, khona lapho lowomlenze okhubazekile waqonda.

18 UMfowethu Wood ulapha namhlanje ndawondawo. Angikaze ngimbone kusukela lapho, kodwa ngiyazi ukuthi ulapha, ungumdayisi wezincwadi. Indodana yakhe, lowomfana onomlenze okhubazekile, kunzima kuye, ufanele ame, afundisise ngesinye isikhathi ukuthi kwakuyiwona muphi umlenze, walungiswa. Uganiwe futhi unabantwana ababili abahle, yena nomkakhe unathi namuhla.

19 David, ngabe ukhona ndawana thize, esakhiweni na? Ungasukuma na? Uma bengingabona, ngi . . . ngabe yena . . . David, yebo, nanguya. Nabo ubufakazi emandleni kaNkulunkulu, UDavid Wood, umfana owayekhubazekile ephethwe uvendle, futhi manje ophila ngokujwayelekile nje, futhi umlenze wakhe uphelele nje kanjalo . . . ungaba njalo. Umusa kaNkulunkulu!

20 UMfowethu Wood, uMfowethu Banks Wood, noDadewethu Wood, ba . . . niyazi ukuthi benzeni na? Ungusonkontileka, nomuhle futhi, umakhi, uphume esikoleni sosonkontileka nabakhi. Kodwa ngenkathi Ekwenza lokho, waphenduka, ngambhaphathiza, wemukela uMoya oNgcwele.

21 Kwase kuthi-ke, kusobala abantu bakhe bengoFakazi bakaJehova, masinyane babezomxosha, khona manje. Ngakho umfowabo wehla ukuba akhulume naye, futhi wayefuna ukwazi ukuthi wayekuphi lo "mshumayeli onguwaka" ukuthi wayegijima futhi ezikhohlisa ngaye.

22 Futhi uMnu. Wood wathengisa ngakho konke ayenakho, waqashisa ngemizi yakhe, wase eyathutha, futhi uhlala kwamakhelwane wami ngqo, kuyo yonke indawo, ungumakhelwane ngqo. Futhi ngiyanitshela, ngiyajabula ukuthi ngingasho lokhu ngoMfowethu Wood kulentambama: ungumKristu weZenzo 2, indoda yangempela.

23 Futhi umfowabo uyehla ukuzokhuluma naye. Futhi babe . . . Ubaba wakhe wayengumfundi koFakazi bakaJehova futhi

eyindoda elungile. Futhi angikaze ngibone noma yimuphi wabantu bakubo. Ngakho umfowabo uyehla ukuzokhuluma naye, futhi wazibuza ukuthi lowo "mshumayeli onguwaka" wayekuphi.

Wathi, "Uphandle *lapho* egunda utshani, igceke."

24 Ngiyangena ngigqoke isigqoko esidala esidabukile, ngahlala phansi futhi ngakhuluma naye, noMoya oNgcwele wehla wathi, "Uyi—uyindoda eganiwe, ushiye umkakho, unabafanyana ababili."

Futhi waqalaza kuMfowethu Wood emuva lapho, sengathi uthi, "Yebo, umtshelile lokho."

25 Ngathi, "Ngiyakwazi okushilo. Kodwa akakaze akutshele lokhu: Ugijima nowesifazane, futhi unezinwele ezibomvu ngokusagolide. Futhi, ebusuku obuthi abube bubili ubumi emnyango, kukhona ongqongqoze emnyango futhi kuyinto enhle ukuthi awuhambanga ngenkathi ubuka ngefasitela, ngoba indoda ibizo, dubula ikhanda lakho ngevolovolo." Lokho kukwenzile. Ngase ngimbhaphathiza, wathola uMoya oNgcwele.

26 Kwase kwehla udade, owesifazane othandekayo, uyehla, wayefuna ukubona ukuthi kwakumayelana nani. Ngambhaphathiza, wathola uMoya oNgcwele. Khona-ke uyise wathola konke ukushukuma, futhi uyehla. Kunjalo, wayezokwehla futhi angiqondise kahle, ngoba nganginephutha lonke eMfundisweni yami.

UMfowethu Wood wathi, "Asimthathe nje siyodoba."

27 Ngathi, "Kulungile." Ngakho saqala ukwehlela eKentucky, sidoba. Ngangizomyeka nje kube nguye okhulumayo. Leyo yindlela ezedlula zonke, niyazi, ubavumele baqambe i—into.

28 Ngakho ngalokho kusa, lana ubusuku bonke, futhi ngakusasa ekuseni lapho siwela uMfula i-Ohio, ngathi, "Awu manje, yonke imifudlana . . . " Kwafika umbono, ngathi, "Yonke imifudlana izoba nodaka. Ngeke sikwazi ukudoba size sifike kulendawo esiya kuyo," cishe amamayela ayikhulu. "Futhi khona-ke, kuzoba kuhle impela futhi kucace, futhi sizodoba, imvula yavele yakwedlula, ukuze sikwazi ukudoba. Futhi khona-ke, siyahamba, namuhla, ngeke sibambe noma yini."

29 "Futhi kulobubusuku, sekuya ngasebumnyameni, uMnu. Banks Wood, lapha, uzobamba inhlanzi encane, ubhabhula, futhi ngizobamba lonke uhele lwabo. Uzosebenzisa isicupho esifanayo, eduze kwami ngqo, futhi ngizoba nohele lonke. Futhi khona-ke, sizongena cishe ngehora leshumi nanye nqo. Ngakusasa ekuseni siyaphuma, futhi ngizobamba inhlanzi enkulu enamaxolo kuyo, Angiboni nje ukuthi inhloboni, kodwa kuzoba inhlanzi enkulu. Angeke kusabakhona ukubamba usuku lonke."

30 Ngibone uMnu. Wood, uMkhulu Wood, eqalaza kanjalo, futhi *esho*, sengathi uthi, "O, *yebo*, sizobona ukuthi lokho kuphuma kanjani."

31 Ngakho endleleni eyehlayo samtshela, noBanks wayemtshelile ngendlela imibono (Futhi njengoba singaphandle, uMfowethu Banks nami sihlala ndawonye, silala ndawonye, singabafowethu nje.) nokuthi wayebone kanjani phezulu emfuleni, noLyle wayenaye, kanjani, ebamba inhlanzi ngenye intambama, ngathi, "Kukhona okulungiselela ukwenzeka. Kuzoba khona ukuvuka kokuphila."

32 Futhi ngakusasa ekuseni sasibamba izinhlanzi ama-bluegill ukuze siwafake osingeni lokudoba, noMnu. Lyle, umfowabo kaBanks, wabamba eyodwa, yagwinya ihhuku lehla le. Akazange aliqhawule ngokushesha ngokwanele, futhi wayidluthula wayikhipha emanzini, futhi wavele wadonsa izibilini, nezimbobo zokuphefumula emphinjeni wayo, wayiphonsa emanzini, wathi, "Mfo omncane, ufike kwelamanqamu." Futhi yanyakaza kancanyana, yalala lapho futhi yaqina, inhlanzi encanyanyana, i, eniyibiza lapha, ibrimu, ngiqagele. Futhi yantanta emanzini cishe isigamu sehora, futhi yantanta yabuyela e—e—eminduzeni yechibi nezinto.

33 Futhi ngangimi lapho ngidoba, ngapheseya ngasohlangothini lwesikebhe *kanjalo*, khona manjalo Into ethize yehla ngalezozihlahla, ibhonga izungeza, baKuzwa, kodwa abaKubonanga. Kwakuyilokho kuKhanya kuzungeza laphaya, kwathi, "Sukuma, ukhulume kuleyonhlanzi encane, futhi izobuyelwa impilo yayo."

34 Nganakisa abazalwane. Ngathi, "Nhlanzi encane, eGameni likaJesu Kristu, ngikunika impilo yakho." Leyonhlanzi encane yaphenduka, yabhukuda yaphumela ngqo emfuleni ngamandla eyayingahamba ngawo, *kanjalo*, futhi . . . Lokho kubonakala kuyinganekwane, kodwa *nali* iZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu unguMahluleli wami.

35 Futhi—futhi ngakho uMfowethu Lyle wavele wawa, ngale esikebheni, wathi, "Lokho bekwenzelwe mina, Mfowethu Branham." Usanda kusindiswa nje futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele isikhashana nje. Futhi wathi, "Lokho kwakusho mina." Wathi, "Yilokho kuphela okukukho," wathi, "ngoba ngithe kuleyonhlanzi encane, 'Ufike kwelamanqamu.'"

Ngathi, "Qhabo, BekunguBukhona baKhe nje."

UMfowethu Banks, emuva lapho, wasukuma, wathi, "'Kuhle ukuba lapha. Asakhe amadokodo amathathu.'"

36 O, futhi ngalolosuku emva kwalokho, khona impela lokho okwakuxoxwe nguMkhulu Wood, kwenzeka impela nje, ngendlela efanayo, inhlanzi efanayo, inombolo nje efana ncamashi, ngosuku olundelayo lapho sihamba, ngathi, "Ucabangani, Mnu. Wood na?"

Wathi, "Awu, kuhle kakhulu lapho umuntu ekwazi ukubona izinhlanzi ngaphambi kokuba azibambe."

37 Ngakho ngathi, "Kuthiwani ngakho na?" Manje, ngamholela kuKristu, ngabhaphathiza yena nomkakhe. Umndeni wakhe wonke manje usubhaphathiziwe eNkosini, futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi uphila impilo yokunqoba. Lowo umusa omangalisayo.

38 Mfowethu Wood, ngabe ukhona na? Ukuphi Mfowethu Wood, Dadewethu Wood na? Ingabe nikhona esakhiweni na? Sukumani, uma nikhona. Lapho, angikwazi ukubabona. Noma ngubani obuka emuva ongababona na? O, yebo, emuva ngqo ngemuva. Kulungile, Mfowethu Wood, lokho kulungile.

39 Awu, ake sibone. Awu, angizukuba nesikhathi esiningi kakhulu. Inqwaba yabangani bami, uMfowethu Gene Norman, umfowethu oligugu. Ngingathanda kanjani ukuxoxa ngezinye izinto ezenzeke laphaya! Wahamba futhi waya eTucson. Nganginaye ngelinye ilanga ohambweni lokuyozingela. Ngifisa sengathi bengingaba noMfowethu Fred, kanye nabo, kufakazwe ngezinto! Ngani, lokhu . . . ngenkathi sasikulolohambo oluncane lokuyozingela lwezinsuku ezintathu, kuningi okwenzeka ngaseMbusweni kaNkulunkulu kunokuba ubungathatha umlando kusukela esikhathini sikaMartin Luther kwehle kuze kube yilesikhathi. Kunjalo.

UMfowethu uFred wathi, "Kuyinto enhle kanjani!"

40 Mfowethu Norman, ngabe wena noDadewethu Norman nisesakhiweni na? Nikuphi na? Ngi—ngifisa sengathi beningasukuma, uma nikhona. Nanguya. Yebo, mnumzane. Ulizwile lelogama, *über alles*? Indoda engumDutch, niyazi. Wena . . . Bangaki abaziyo ukuthi ukuthi *über alles* kusho ukuthini na? "Yonke indawo, yonke indawo." Kulungile. Kunjalo.

41 Awu, kukhona . . . Ngiyajabula ukuba lapha kanye nani bantu. UNkulunkulu anibusise. Ngisanda kuzwa nje emizuzwini embalwa edlule, njengoba bengikhuluma noBilly ngaphandle, zonke izindleko zenziwe. Nginibonga nonke. INkosi inibusise. Ngitshele umphathi njalo, uMnu. Borders lapha, noma ngasiphi isikhathi, ungalokothi ucindezele abantu, uma izindleko zingenziwanga, ngizothumela ekhaya ebandleni lami uqobo noma ndawondawo, sizoyithola. Niyabo? Futhi asifuni ukungalokothi sicindezele, siphushe, noma yini.

42 Khona-ke uBilly ungitshela ukuthi bangithathele umnikelo. Ngiyabonga, uNkulunkulu anibusise. Angizelanga leyonhloso, bangane, ngiza lapha ukuzama ukunisiza. Kepha nina nabelana nami okokuziphilisa kwenu, ngizokwenza konke engingakwenza, ngomusa kaNkulunkulu, ukuqiniseka ukuthi kuya eMbusweni kaNkulunkulu, ngayo yonke indlela engingayenza. Ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzonakhela

ikhaya ngakolunye uHlangothi, elingayikufa, elingasoze lashabalala, elingasoze, elingasoze ladinga ukulungiswa.

43 Size sihlangane laphaya kuloloHlangothi, khumbulani, ngihlala ngingumfowenu, ngizama ukunenzela noma yini engingakwazi ukunenzela yona. Ngibhaleleni, uma nginganithumelela indwangu yomkhuleko, into engiyikhulekele, ngingajabula ukukwenza.

44 Manje, uma sekuza ekubuzeni imibuzo, kuhle kakhulu ukuthi nibuze abelusi benu, ngihlala ngikushiya kanjalo, ngoba, niyazi, kuhle kakhulu ukubuza abelusi. Kodwa uma nginganisiza nganoma iyiphi indlela ekunikhulekeleni, noma ukunenzela noma yini, ngibhaleleni. Angizami ukuthola ikheli lakho, ngoba ngi. . .ngizama ukuthola umuntu othize, ozongisiza ngiphendule izincwadi.

45 Anginazo izinhlelo zokusekelwa, akukho lutho nhlobo. Lezo zincwadi emuva lapho, akuzona ezami, UMnu. Wood uzithengele lezozincwadi kuMfowethu Gordon Lindsay, nasezindaweni eziningi, futhi nje uzilethela abantu, enzela abantu nje. Asitholi nesenti kukho, asithathi lutho.

46 Umkhwenyana wakwaMfowethu uFred Sothmann uthengisa amateyiphu. Unawo ephansi kakhulu aze *nje* akwazi ukuwenza, yilokho kuphela. Futhi ngakho banamateyipu, kumbe noma yini uma singanisiza, silapha ukuze sikwenze, noma yini esingayenza. UNkulunkulu anibusise.

47 Futhi ngizicelela imikhuleko yenu, nomaphi lapho ngiya khona. Futhi uma ngingaphinde ngihlangane nani. . .Manje, ngiyazi uma ngibuya unyaka kusukela manje, kukhona abanye, uma ngiphila omunye unyaka, futhi uJesu elibala, kukhona abanye lapha kulentambama abayobe bengasekho lapha ngaleyonkathi, niyaqhubeka, lona ngumhlangano wethu wokugcina. Kodwa lapho ngihlangana nani ngakolunye uHlangothi, lapho sonke sivuka kulesisizukulwane, ngiyoba ngisalokhu nginendaba efanayo, ngomusa kaNkulunkulu. Kunjalo.

> Umusa omangalisayo! umsindo omnandi kangaka,
> Owasindisa olusizi njengami!
> Ngangilahlekile, futhi manje sengitholiwe,
> Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona.

48 UNkulunkulu uyanithanda, futhi anibusise. Futhi khumbulani, lapho imimoya ivunguza ngamandla, ubusuku bumnyama futhi bunesiphepho, nezinyanga-bathakathi nxazonke, futhi ziniphonsela inselelo kukho, ngizobe ngikhumbula ukuthi nginabantu enhla lapha oGwini lwaseNtshonalanga abangikhulekelayo.

49 Kushisa kakhulu kulentambama ukuba ngishumayele lokho ebengizokhuluma ngakho, ngakho uBilly ungitshelile phandle lapho, uthe, "Babayi, ungabangcono," uthe, "uthembise ukuthatha wonke lawo makhadi omkhuleko," wathi, "ungabangcono uma uvele wangena lapho, futhi—futhi—futhi wabonga abantu, wase—wase uphuma." Kodwa bengingazizwa njengembuka kuKristu, uma ngingawufundanga umBhalo, futhi ngisho okuthize, kunjalo.

50 Futhi sizokhulekela aba—abagulayo futhi, lonke ikhadi lomkhuleko. Manje, ngiyabuza nje uma ningakwazi, nibe nenhlonipho nje ngangokunokwenzeka, futhi ngizoshesha ngqo. Kuyinto exakile ukuthi lo mhlangano ufika cishe, ukuthi kwenzeka kanjani, kodwa iNkosi iwulethile ukuba ufezeke.

51 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi weZwi, iNkosi uJesu, ngendlela yomkhuleko.

52 Baba wethu onoMusa, siyaKubonga ngobuhle baKho nomusa waKho. Wena unguNkulunkulu, kusukela phakade kuze kube phakade, Wena unguNkulunkulu. Futhi, Nkosi, lomhlangano omncane ezansi lapha nalamadoda akahle, izinceku zaKho, lababantu abakahle laphaya abangene emaphaketheni abo uku—ukuxhasa lo mhlangano, futhi bakhokhela ukuhlala kwabo, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi njengesinkwa phezu kwamanzi, sizobuya.

53 Ngikhulekela lababefundisi, amabandla abo, abantu babo, Nkulunkulu, sengathi amabandla abo amancane angakhula aze asabalale, futhi sengathi emabandleni abo kungahamba abavangeli abanamandla nezithunywa zenkolo kulolonke izwe. Masisebenze, Nkosi, ngokuba siyazi ukuthi asinaso isikhathi esiningi sokusebenza, sibona isikhathi sivaleka.

54 Masinyane sibheke iNgelosi ezobeka unyawo lwayo emhlabeni naphezu kolwandle, futhi iphakamise isandla sayo futhi ifunge Yena ophilayo kuze kube phakade naphakade, isikhathi ngeke sisaba khona. Washo ngalesosikhathi imfihlakalo kaNkulunkulu iyakuba isiphelelisiwe.

55 Siyaqonda manje, Baba, ukuthi imfihlakalo ekathathu kaNkulunkulu yazisiwe kithi. Futhi siyaqonda, futhi manje sifuna leyomiDumo eyimfihlakalo eyaphuma eZulwini, eNcwadini yeSambulo, eyanamekwa ngophawu ngemuva kweNcwadi.

56 Sambulele, O Nkosi, izinto esizidingayo ngempi ephambi kwethu. Thethelela izono zethu, izinto zethu—zethu eziningi zokunganaki, ububi bethu. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi, kulentambama, ukuthi Uzokwenza okuchichima ngokwedlulele ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange.

57 Manje, Baba, asikho lapha ukuba sibonwe, lababantu abekho lapha ukuba babonwe. Kuyashisa, bahlezi bekhumule

amabhantshi abo, amadoda, odade abayigugu bahlezi lapho bephephetha, balapha ngoba balambile, bayaKuthanda.

58 Futhi, Nkosi, ngilapha nomphimbo ohedlezelayo ngenxa yalesisisi. Futhi ngi—ngi—ngilapha ngoba ngikholwa ukuthi Ugcobile ukuthi sifanele sibe lapha kulentambama. Futhi inhliziyo yami ivuleke kakhulu, eyabo ivuleke kakhulu, ngakho ngena, Nkosi Jesu, futhi ukhulume kithi izinto Ongathanda ukuba sizazi. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

59 Ngifuna ukumemezela indikimba encane engifuna ukuyisebenzisa, ngifuna ukuyibiza ngokuthi *ISibonakaliso Esikhulu*. Futhi ngimemezele indikimba yami ngaphambi kokuba ngifunde umBhalo wami, futhi lokho kuyinto engajwayelekile kancane. Ngokwejwayelekile ufunda umBhalo wakho, bese uthola indikimba yakho, kodwa niyazi, ngesinye isikhathi uNkulunkulu wenza izinto ngezindlela ezingajwayelekile, izikhathi ezingajwayelekile.

60 Ku-Isaya, isahluko se 7 nevesi lama 14, ngizothanda ukufunda ingxenye yomBhalo, lelivesi elilodwa, ukwenza ingqikithi engidonse kuyo le ndikimba.

> *Ngalokho iNkosi uqobo iyakukunika isibonakaliso; Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, ibize igama layo ngokuthi u-Imanuweli.*

61 Siphila osukwini loku*khulu*. Uma kungekukhulu, akwedluli. Konke kufanele kube ku*khulu*, usuku olukhulu. Uya esitolo, indoda encane yegrosa esekhoneni ayisenabhizinisi, bafanele baye emakethe enkulu isuphamakethe. Bathola izitembu futhi bazikhokhele kakhulu, cishe utiki ngasinye, ngoba yisuphamakethe, angeke bakunike lezo zitembu, niyazi. Kodwa yi—yisuphamakethe, inesipholisamoya, ungena kuyo, uyakukhokhela.

62 Khona-ke kukhona izimoto ezinkulu. Sifanele sishayele sehle ngomgwaqo, lapho...Kwakuvamise ukuthi babengashayela...Ngenkathi ngifika okokuqala oGwini lwaseNtshanalanga, nganginezinsuku eziyishumi nesithupha kuModel T, kodwa ngafika lapha. Manje, cishe izinsuku ezine kwiFord. Kodwa kusobala, iFord yami yokuqala, nemigwaqo enganginayo, ngangikwazi ukwenza amamayela angamashumi amathathu kuphela ngehora, futhi lokho kwakungamamayela ayishumi nanhlanu *ngapha*, namamayela ayishumi nanhlanu *ngapha*. Kodwa sinemigwaqo emikhulu manje, izimoto ezinkulu, imigwaqo emikhulu emikhulu.

63 Futhi thina, sizama ukucabanga, ezweni, ukuthi banababantu abakhulu, amadoda amakhulu. Uyathola emsakazweni nethelevishini, i*Siqhwaga*. Bafuna uhlanga olukhulu. UHitler wathi amaJalimane ayeyisizwe esikhulu, uStalin wacabanga ukuthi iRashiya yayiyisizwe esikhulu, uKhrushchev ucabanga into efanayo. INgilandi yathi, “Inqobo nje uma kusekhona

umhlaba, kuzoba neNgilandi," isizwe esikhulu. IMelika icabanga ukuthi iyisizwe esikhulu, "Sinobuhlakani nakho konke, yilokho kuphela esikudingayo, ngakho siyisizwe esikhulu."

64 Isizwe esikhulu, izindlela ezinkulu, konke okukhulu, okukhulu. Kufanele kube kukhulu, kube kukhulu kunokwejwayelekile. Umuntu oyedwa ufanele abe. . .ufanele abe nendlu enkulu. Bayashintsha minyaka yonke, izindlu zango-1962 ngeke zibe zinhle ngo-1963. Ifriji yakho izofanele ibe nkulu kancane, izofanele ithi ukuphakama kakhudlwana. Vele ufake omunye *umhlobiso* owengeziwe kuyo, futhi ushintshanise omdala phakathi, bese ukhokha athi awabe mabili, amadola angamakhulu amathathu ngaphezulu bese uthola omunye. Kungaleyondlela. Konke kukhulu. Kuyisu nje elikhulu lokwenza imali. Ngicabanga ukuthi sasingcono ngehhashi nekalishi. Kunjalo.

65 Ufika endaweni uze, njengoba ngangishumayela ngoluny'usuku, yisikhathi sokuqhunyiswa, yonke into iyaqhuma. Abantu bayasakazeka, bathola kwakheleke ingcindezi enkulu kakhulu. Kungani unganciphisi futhi uphile na? Hhe? Kunjalo. Kungani uphuthuma kangaka na? Sifanele sibe nemihlangano emikhulu ebandleni lethu, imizuzu eyishumi nanhlanu. Manje, leyo yinkambiso yesimanje, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu, noma ungakwenzi, ibhodi yabadikoni likuyisa emuva futhi lifuna ukwazi ukuthi yini inkinga.

66 Kukanjalo, yonke into inkulu. Konke lokhu kuyizibonakaliso ezikhomba ebumnyameni obuzayo, kunjalo, kufika onyakeni ongaziwa. Singena emfihlakalweni, unyaka ongaziwa lapho okukhulu kuzobhobokela enkolweni eyimfihlakalo. Abazi ukuthi bayaphi.

67 Indoda izoshayela yehle ngomgwaqo amamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, ithathe ishansi yokuphula intamo yayo, nomndeni womunye umuntu ozobulawa, ime etaveni kabhiya, iphuze amahora amabili ngaphambi kokuba iye ekhaya. Yini inkinga ngayo na? Konke kufanele kuphuthume kakhulu kokuphuthuma, kungangcono uma nje sithatha isikhathi sethu.

68 Manje, indoda ibilokhu izama kuyo uqobo ukwenza okuthize ukwenza isikhumbuzo kuyo uqobo. Sisanda kuba nakho lokho kwenzeka nje, njengoba sazi sonke. Kodwa umqondo nje wokuthi umuntu ufuna ukuzenzela okuthile ukuze azizuzele ngempumelelo, angeke ashiye izinto njengoba zinjalo, ufanele enze okuthile kukho.

69 Ezweni lakithi kwakudingeka bagawule wonke amahlathi, futhi lokho kwenza iziphepho zedlule futhi zidabule yonke into. Futhi manje, bakha idamu phezulu emfuleni, lokho kwenza uzamcolo ushanele futhi ubhubhise amadolobha. Manje,

banamabhomu amaningi amakhulu nezinto kuze "Kuwele ngaphandle," amasayini athi "Ingozi" yonke indawo. I-Rashiya ikudedelile ngaleya, iminyaka embalwa manje futhi ulwandle luzobila, futhi—futhi sonke sizobulawa ngokuwela ngaphandle, bayasho.

70 Yini inkinga ngabantu empeleni na? Ezama ukuzizuzela ngempumelelo okuthize yena uqobo. Lokho okwakhe... Kungani? Wenziwa ngaleyondlela, kodwa, into ethize kuye yamenza lokho, kodwa akakuthathi ngendlela efanele, uzama ukukuthatha ngokuzuza kwakhe ngempumelelo.

71 U-Adamu, qobo lwakhe, wazama ukwenza inkolo enkulu ngaphandle kokubuyisana. U-Adamu wayefuna ukwenza inkolo lapho ayengaphila khona nganoma iyiphi indlela obufisa ukuphila ngayo, ugqoke iphinifa elincane leqabunga lomkhiwane, futhi yilokho kuphela okwakukhona kukho. Niyabo?

72 UKayini wazama into efanayo, esikhundleni sokuletha igazi, ukubuyisana, waletha ama-apula, amapheya, noma lokho izithelo zezwe esasiyikho, ezama ukuzenzela okuthize, ezama ukuzuza ngempumelelo okuthize.

73 UNimrodi wazama ukwakha umbhoshongo omkhulu, omkhulu kunayo yonke eminye imibhoshongo emhlabeni ukuze akwazi ukukhuphuka noma ngabe, uma uNkulunkulu emthukuthelele, ngani wayengakhuphuka ngombhoshongo futhi izikhukhula zaziyodlula ngaphansi kwakhe, umbhoshongo omkhulu.

74 UNebukadinesari wakha umuzi omkhulu, wawunezivande ezilengayo, futhi kwakuyindawo enkulu, kwakuyiphethini yaseZulwini. Phambi kwesihlalo sobukhosi ngqo kwakugeleza umfula u-Ewufrathe, futhi bathola ukuthi yileyondlela isiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, umfula wokuPhila ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, sikhona.

75 Ukuzama ukuzuza ngempumelelo okuthile, ukuzama ukukwenza kube kukhulu, kube kukhulu kakhulu ukuze athi, "Niyabona—niyabona ukuthi ngenzeni!" Okukhulu, kukumuntu nje.

76 Isizwe sakithi uqobo, sinomona ngeNgilandi, esikhathini esingeside esedlule, sakha umkhumbi omkhulu, sathi wawungeke ucwile, kodwa wacwila, iTitanic, umkhumbi omkhulu. Bathi, "Angeke ucwile." Kodwa washona phansi ngokufanayo nje. Futhi imbongi yabhala iculo, "UNkulunkulu, ngesandla esinamandla, ukhombisa lomhlaba ukuthi angeke ume." Kunjalo.

77 I-France yakha umugqa omkhulu iSiegfried, bacabanga, "Sizokwakha lo mugqa, ngemuva kwawo singaba nabesifazane, imali, newayini, nanoma yini esiyifunayo. Futhi uma iJalimane ike yasilandela, into kuphela esizoyenza, sizovele siphendulele

lezizibhamu kubo futhi sibaxoshele emuva," umugqa iSiegfried. Kodwa kwenzekani na? Bakhohlwa okuthile. IJalimane yamasha yazungeza ngemuva kwawo, abakwazanga ukuphendula izibhamu, bawuthatha.

78 IJalimane yazakhela umugqa iMaginot, umugqa iMaginot omkhulu, yaziqinisa ngaphansi kwalapho, kodwa nakho kufika abaseMelika nebhomu elikhulu futhi bawuqhumisa. Niyabo, bezama ukuzuza ngempumelelo okuthile ngokwabo uqobo.

79 Ibandla lizamile ukuzuza ngempumelolo ihlelo elikhulu. Kunjalo. Sibuziwe emaphepheni muva nje, benikuqaphela, "Kungani wonke amabandla engahlangani abe okukodwa futhi abuyele ebandleni elingumama, lapho kwaqala khona, eRoma?" Ngifuna isifundiswa esisodwa, ngifuna usomlando oyedwa, futhi sinokunye ukuhlala okukwedlula konke lapha, ngifuna isifundiswa esisodwa, umfundisi oyedwa, usomlando oyedwa ukuba ake angikhombise lapho iBandla liqala khona eRoma. IBandla liqala eJerusalema ngoSuku lwePhentekoste. Kunjalo.

80 Ngi, ngizomkholwa uphapha, uma efuna ukukubuyisela ku*Lokho*, ngizohamba naye ngibuyele *Lapho*, kunjalo, kodwa hhayi eRoma. Ngizokuvuma lokhu: IRoma iyindawo engumama yayo yonke inkolo yenhlangano, neBhayibheli lasho esahlukweni se 17 ukuthi yayinguye, futhi wayenamadodakazi emva kwakhe.

81 Kodwa ngamunye uzama ukwakha ihlelo elikhulu. Kubi kakhulu kungena kwawethu, futhi. Ukuze sithole amalungu senza iproselite, futhi sidonse, nakho konke okunye ukuze sithole amalungu, sizama ukwenza ihlelo elikhulu, bese kuthi-ke, lapho bethola ihlelo elikhulu, bazama ukulenza libe likhulu ngokuthola imeya yedolobha, nomahluleli, nabagqoka kangcono, nabafunde kangcono. Uthola kuphela isigejane sezihlakaniphi zokubanda, okuyikho ngegama okungelutho. Kunjalo.

82 Kungikhumbuza nje, sekuza isikhathi sasentwasahlobo nje futhi ngibuka izinyoni zakha izidleke zazo. Futhi ngicabanga ukuthi inyoni engumama endala, ingasakha isidleke sayo, futhi igibele kuso, izalele amaqanda ayo, kodwa uma leyonyoni engumama endala ibingakaze ibe nenyoni yesilisa, awasoze achamusela. Lawo maqanda, akunandaba ukuthi iwaphatha kahle kanjani, ukuthi iqotho kanjani, iwamboza ngamaphiko ayo, iwaphendule, yenze konke engakwenza, futhi ihlale lapho ize ibulawe yindlala, lawomaqanda awasoze achanyuselwa uma ingazange ibe nenyoni yesilisa, ngoba awavundile.

83 Kukanjalo ngenkolo yethu yenhlangano. Inqobo nje uma singenisa lezozoni njengamalungu ebandla lethu, ungawatotosa futhi wenze abadikoni ngawo, futhi bona beganwe kane noma kahlanu, nokubhema, nokuphuza, nokugembula, nokukhohlisa, nokuqamba amanga, nokubeka lawo madikoni ebandleni,

ungabafukamela, futhi wenze noma yini ofuna ukuyenza, baze bahlangane noMata, uKristu Jesu, bayisigejane samaqanda abolile, yonke into idinga ukulahlelwa ngaphandle kwesidleke, awasoze achanyuselwa. Into ezedlula zonke ongayenza ukuhlanza isidleke, uqale konke kabusha.

84 Tholana noMata, uKristu Jesu, khona-ke ngeke kube khona imehluko emningi kangaka, amahlelo amakhulu, amakhulu kunawo wonke, "Sisonta ku*S'bani-bani*, *leli*hlelo. Singabakhulu kunabo bonke phakathi kwabo. Sisonta ku*leli*."

85 Manje, bakucela ukuthi ukuhlanganise, ukufake konke kokukodwa; kuzokwenza, kuzokwenza. Yilokho abantu abakufunayo, okuthile okukhulu, wonke umuntu ukuba athi, "Awu, ngisonta ebandleni *elithize-thize*, likhulu kunawo wonke emhlabeni, ihlelo elikhulu kunawo wonke." Impela. Bayakuthanda lokho, ngoba likhulu.

86 Zonke lezizinto zahluleka, iTitanic yacwila, umugqa iMaginot waqhunyiswa, umbhoshongo kaNimrodi wabhidlika, iBabiloni lashona phansi, namahlelo afa, angumlando, uthuli. Haleluya!

87 Bebelokhu befuna isibonakaliso. UNkulunkulu wathi, "Ngizobanika esisodwa." Mfowethu, u—umbani oyimfologo esibhakabhakeni esimnyama ebusuku ubonisa ukuthi kungaba khona ukukhanya ngesikhathi sobumnyama. UNkulunkulu wathi, "Ngizobanika isibonakaliso, hhayi umbhoshongo ophucuzekile, hhayi umbhoshongo wobufundisi, Ngizobanika isibonakaliso, futhi kuzoba isibonakaliso esingunaphakade, isibonakaliso saPhakade, leso ongeke udingeke ulokhu wakha kuso. Kuyoba esingunaphakade, isibonakaliso esikhulu, intombi iyokhulelwa." O, he!

88 Yonke imibhoshongo yabo emikhulu epholishiwe, nezikole, ne—nemigqa, nemikhumbi, nakho konke okunye, kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngizobanika isibonakaliso, futhi kuzoba isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso saPhakade, isibonakaliso esingunaphakade, intombi iyokhulelwa." Amen.

89 Kuyini na? Okungaphezu kwemvelo. Isibonakaliso esikhulu, hhayi udaba oluphucuzekile, kodwa isibonakaliso esikhulu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, uJehova omncane ezalwa emkhombeni phezu kwenqwaba yomquba, uJehova omncane ekhala njengengane, uJehova omncane edlala emigwaqeni, kodwa isibonakaliso esikhulu. Amen. Nakuba kwakhulunywa ngakho, nokho kuyisibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu, isibonakaliso saPhakade.

90 Akazange afike nesibingelelo saseZulwini: UNkulunkulu wehlisa imihubhe, futhi kwehla ezibambelelweni zasesitezi kufika amabutho eziNgelosi egcekeni likaKayafase, futhi zonke zadlala amabhendi, neziNgelosi zasina zizungeza

emhlabeni; Wafika ngendlela yenqolobane, isitebele, kodwa kwakuyisibonakaliso.

91 Akubona bonke abakubona, kodwa labo ababemiselwe ukukubona bakubona, uNkulunkulu ukhombisa izibonakaliso zaKhe ezinkulu kulabo abazalelwe ukukubona. Abakubonanga, izinkulungwane ezaphila ezinsukwini zikaJesu azizange zizwe ngaYe, amashumi ezinkulungwane, izigidi, ezingazange zazi lutho ngaYe.

92 Akazange afike ngendlela yeNgelosi ngenkathi Ehla evela eZulwini. Wayengafika njengeNgelosi, Uza evela eZulwini, Wayengafika njengeNgelosi, Wayengafika njengekherubi, kodwa esikhundleni salokho, Wafika njengenzalo ka-Abrahama, uMuntu, uNkulunkulu Ezenza uMuntu ukuze Afe. Wayengenakufa eMoyeni, Wayefanele abe yinyama ngaphambi kokuba Afe; kodwa kwakuyisibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esikhulu.

93 Wafika waba yiNzalo ka-Abrahama, ukuze Abonise uhlanga olukhulu. Manje, u-Abrahama wayenenzalo, inzalo yemvelo, khona-ke wayeneNzalo enkulu. UNkulunkulu ugcwele okukhulu okuningi futhi, khumbulani. Futhi u-Abrahama wayeneNzalo enkulu, Futhi uJesu wafika ukuze Ahlenge iNzalo enkulu yohlanga luka-Abrahama, UNkulunkulu wayeqinisekile ukukwenza, uhlanga olunezibonakaliso ezingaphezu kwemvelo zikaKristu ongaphezu kwemvelo.

94 Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuzama kanzima, nawo wonke amabhomu amakhulu, nezihosha zika-ayisi, nakho konke okunye, zona. . . amalumbo abo ashiywe ngaphandle, namahlelo abo awakaze akwazi ukushiywa ngaphandle, asunduzelwe ngaphandle, noma ashabalalise iSibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu, Uyaphila namuhla emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, UyiSibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu.

95 Ungahle uwudilizele phansi umbhoshongo, ungahle ucwilise idolobha, ungahle ucwilise umkhumbi, kodwa angeke ucwilise isibonakaliso esikhulu saPhakade sikaNkulunkulu, yisibonakaliso esingunaphakade. Ukuvuka kukaKristu kwakungeke kubhujiswe, lesosibonakaliso esikhulukazi uNkulunkulu asinika sona.

96 Siyaqaphela eTestamenteni eLidala, inzalo ka-Abrahama, ngokukaGenesise 22:16 kanye nele 17, Inzalo ka-Abrahama yayizonqoba amasango esitha sayo. UNkulunkulu wethembisa lokho entabeni lapho u-Abrahama ebiza iGama laKhe ngoJehova-Jire, "INkosi izoZibonela umhlatshelo." UNkulunkulu uzopha.

97 Ngifuna ukunibuza okuthize. Lavelaphi lelowundlu na? U-Abrahama wayehambe izinsuku ezintathu, noma yimuphi umuntu ojwayelekile ohambayo angahamba, o, amamayela

angamashumi amabili nanhlanu ngosuku, wayehambe izinsuku ezintathu ukusuka empucukweni, khona-ke phezulu esiqongweni sentaba lapho izilwane zasendle, kungekhomanzi, akukho okudliwayo, futhi phezulu esiqongweni sentaba, futhi wanikela, waqala ukunikela ngendodana yakhe uqobo ekuthunyweni okuvela kuNkulunkulu, futhi lapho eqala ukuthatha umphefumulo womfana, inqama yakhala ngemva kwakhe. Yavelaphi leyo nqama na?

98 Manje, kwakungesiwo umbono, wayibulala, igazi laphuma kuyo. Kwakungewona umbono, kwakuyinqama. Futhi u-Abrahama waMbiza ngokuthi, *Jehova-Jire*, "INkosi ingaZibonela umhlatshelo." Isibonakaliso esikhulu, esingaphezu kwemvelo. Futhi yonke inzalo ka-Abrahama yemvelo ngo-Isaka yanqoba onke amasango esitha eza kuyo. Kunjalo impela.

99 Nginolayini wabo obhalwe phansi lapha, osithatha intambama yonke ukuze sidlule. Kuthiwani uma singakhuluma kuqala, umzuzwana nje, ngabantwana bamaHeberu, ngenkathi bengena esithandweni somlilo na? Manje, babengenaso noma yisiphi isiqiniseko, kuphela ukuthi babeyinzalo ka-Abrahama. UNkulunkulu akazange abatshele lutho, futhi uNkulunkulu akazange abatshele, "Manje, yehlelani lapho, futhi ningene emlilweni, futhi ngizoba nani." Kodwa babeyinzalo ka-Abrahama, futhi babazi ukuthi babenamalungelo, futhi bathi, "Asizukulihoxisa iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wasitshela ukuthi singakhothameli izithombe, futhi Unamandla okusikhulula, uma Engasikhululi, asiyikukhothamela isithombe sakho." Futhi balinqoba isango lesithando somlilo laseBabiloni, isango lomlilo, balinqoba.

100 UDaniyeli wanqoba isitha sengonyama, isango. UMose wanqoba uLwandle oluBomvu, futhi wanqoba isitha eGibhithe. Ngani? Ngoba wayeyinzalo ka-Abrahama.

101 UShamgari, umfo omncane, omunye wabahluleli bakwa-Israyeli, ivesi elilodwa kuphela elabhalwa ngaye eBhayibhelini. Ngelinye ilanga wayemi emnyango wenqolobane yakhe. Futhi amaFilisti ayengena futhi adle konke ukudla kwabo, babesebenza kanzima ihlobo lonke bese-ke befaka izinto zabo engotsheni, bese kuthi-ke kufika amaFilisti futhi akuthathe akususe kubo.

102 Ngelinye ilanga mhlawumpe wayeqoqe konke ukudla kwakhe, wabuka umkakhe omncane emi lapho, futhi wayezacile, nabantwana abancane abanobusho obuphaphathekile, wabuka abafo abancane abampofu, ukuthi babenesimo sokushodelwa izinhlayiya ezibomvu zegazi kanjani nesifo sendlala noma okuthize, futhi abheke ukuthi bambuka kanjani, futhi wathi, "Awu, mhlawumbe kulobubusika singabanakho esingakudla. Mhlawumbe ngingathengisa ukolo omncane, futhi ngikutholele

ingubo yentombazane encane, izicathulo ezithile zomfana omncane."

103 Lapha wezwa into ethize ikhuphuka ngomgwaqo, nakhu kufika inkulungwane yamaFilisti, ahlomile, imikhonto, izinkemba zilenga ohlangothini lwabo, amadoda aqeqeshiwe, *edliviza*, *edliviza*, eza ekhuphuka ngqo ngomgwaqo. UShamgari omncane wama lapho, wayengenzani na? Wayengumlimi, wayengelona isosha, futhi wayengenalutho ayengalwa ngalo, wabuka, ehlezi ekhoneni, futhi kwakukhona induku yokuqondisa izinkabi. Futhi niyazi ukuthi kuyini lokho, nanoma yimuphi kini ma-Kentucky ufanele akwazi. Lapho ulima, induku oshaya ngayo izinkabi. Ngakho yena . . . Kwakukhona induku yokuqondisa izinkabi ihlezi lapho ekhoneni, futhi wabuka ngale, lokho. Cishe kwakunophisi wethusi ekugcineni kwayo, lapho yayithuntutha ukungcola egejeni, futhi yadushuza inkabi lapho behambisana. Futhi nakho lokho okuhlezi ekhoneni, wama futhi wabuka, okhuphuka ngomgwaqo.

104 Akazange abe naso isikhathi sokuyoqeqesha ukuthi kunjani ukulwa kwababili, niyazi, nokuthi angayisebenzisa kanjani induku yakhe—yakhe yokuqondisa izinkabi noma inkemba. Kodwa wakhumbula into eyodwa, ngiyakholwa, ukuthi wayengumIsrayeli osokiwe, wayeyinzalo ka-Abrahama, wayenelungelo esethembisweni sokuthi wayeyonqoba isango lanoma yisiphi isitha. Amen. Izinhlangothi zombili, Watshela uRebeka into efanayo, no-Abrahama into efanayo.

105 Wayelapho-ke, inzalo yalezozithandani, futhi wayenelungelo kukho, ngoba wayesokile, wayengum—wayengumIsrayeli, wayeyinzalo ka-Abrahama, wayenesethembiso sikaNkulunkulu sokuthi wayenganqoba noma yiliphi isango lanoma yisiphi isitha. Haleluya! UMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwakhe, wayesethatha leyonduku yokuqondisa izinkabi futhi wabulala leyonkulungwane yamaFilisti. Yebo. Ngani na? Ngoba wayenamandla okuqina amakhulu.

106 USamsoni wayenamandla okuqina amakhulu, ngokuba uMoya omkhulu wehlela phezu kwakhe, yingalesosizathu umhlathi ungaphukanga, besikhuluma ngakho izolo ebusuku, kwakungokukhulu. Kunjalo impela. Bonke labo babeyinzalo yemvelo ka-Abrahama.

107 Kodwa nakho kufika iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama. Manje, u-Abrahama wemukela u-Isaka njengoyedwa ovela kwabafileyo ngomkakhe ngokocansi. Manje, loyo wayefana nofile, leyo kwakuyimbewu yemvelo, kodwa yayikhomba eNzalweni enkulu ezayo, Loyo owayengeke abe nobaba wasemhlabeni, futhi Wayengeke abe nomama wasemhlabeni.

108 Lokho kushaye othize. Kulungile, mngane oyiKatolika, uma umbiza ngo "Mama kaNkulunkulu," ngifuna ningibonise

umBhalo owodwa lapho ayeyinoma yimuphi umama kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayengaba nomama kanjani na? Khona-ke Ubani owayengubaba na? UMariya wayengelutho ngaphandle kokuba umchamuselisi, yilokho kuphela. UJesu akakaze nakanye ambize ngo "mama," Wambiza ngo "mame," ngokuba WayenguNkulunkulu, futhi Wayengenakumbiza ngo "mama." Kunjalo. Lezi zimfundiso ezingenakuphikiswa namasiko a—abulele abantu, ambiza ngokuthi "mame."

109 Ngelinye ilanga bathi, "Umama wakho ukulindile." Wabuka kubafundi baKhe, wathi, "Ubani umama waMi na? Labo abenza intando kaBaba waMi." Wayengowesifazane nje uNkulunkulu amsebenzisa, hhayi u "Mama kaNkulunkulu," bakithi, qhabo, lokho kungukuthuka okungcwele ngisho nokucabanga into enjalo.

110 Manje, le Mbewu enkulu yafika. Abanye babo bathi, "Awu, manje, linda kancane, imbewana, kusobala, ivela ebulilini bowesilisa, owayedalwe nguNkulunkulu, kodwa i—iqanda kowesifazane lalingumzimba waKhe." Kwakuyiwo? Nicabanga lokho, ukuthi lowo bekungaba ngowesifazane na? Uma kwakunguye, buka ukuthi uJehova umenzisani. Leloqanda angeke libe lapho ngaphandle kwevuso, kwakufanele kube khona okwenzekayo, futhi buka ukuthi ubungambeka kuphi uJehova, axutshaniswe nocansi. UNkulunkulu wadala uBuntu bukaKristu bonke esibelethweni sikaMariya, futhi wayengowesifazane nje, umchamuselisi, owazala le Ndodana, yayingelutho olwakhe. Manje, ungowesifazane nje uNkulunkulu amsebenzisa.

111 Manje, iNzalo yobuKhosi yafika, neNzalo yobuKhosi yadingeka isifele sonke. Manje, ngayinye yalezi zinzalo zika-Abrahama, ngokwemvelo, yanqoba wonke owamasango abo. Singehla kanjani sedlule futhi sibabize ngamadazini lapha, okuthi amasango amangaki, isitha se...banqoba isitha samasango! Kodwa ekugcineni onke lawomaqhawe amakhulu kwadingeka afe, kodwa nakho kwafika iNzalo yobuKhosi. Amen.

112 Ngenkathi Elapha emhlabeni Wanqoba isango lokugula, walithatha. Wanqoba isango laso sonke isitha esiza phambi kwaKhe futhi walithatha, futhi Wafa, ya, futhi Wavuka futhi. Futhi Wathola izihluthulelo zoMbuso kaNkulunkulu, e—i... isihogo, ukufa, nethuna, Wathatha yonke into. WayeyiNzalo enkulu, iseThembiso esikhulu. Khumbulani, kuyisibonakaliso esingunaphakade, Wavuka kwabafileyo, Akafile.

113 EMexico, ebusukwini obumbalwa obedlule lapha, ngangixoxa ngowesifazane omncane ukuthi, inenekazi elincane eliyiKatolika elaline, ingane yalo yavuswa kwabafileyo. Amaphephandaba axoxisana nami ngosuku olulandelayo,

futhi ayethi, "Mnu. Branham, awuyena u. . .awuyena nje umKatolika, awusuye na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane, ngiyiProtestane."

Wathi, "Awuphikisi bandla!"

114 Ngathi, "Ngiyaliphikisa, hhayi abantu, ibandla, inqubo. Angizange. . .UNkulunkulu wafela abantu, yiqiniso lelo, kodwa angi—angibalahli abantu, yinqubo ebusa phezu kwabo, yileyonqubo engiyilahlayo."

Wathi, "Khona-ke awusiye nje ongelona iKatolika, uyiProtestane."

Ngathi, "Yebo."

"Ungowaliphi ihlelo na?"

Ngathi, "Ngingaba mubi njengoba ake abanjalo, alikho." Ngathi, "Ngazalelwa eMbusweni kaNkulunkulu." Kunjalo.

Ngakho-ke wathi, "Ubani elakho. . .? Uyakholwa ukuthi abangcwele bethu bangavusa abafileyo nabo na?"

115 Ngathi, "Ngi. . ." He, khumbula imuva lami, ngingumIrish, imuva lami kwakuyiKatolika, futhi ngathi, "Ngiyazi ubungeke ube ngongcwele uze ube ngofile," abakushoyo.

Futhi wathi, "Awu, angeke ube ngongcwele uze ufe."

116 Ngathi, "Khona-ke uPawulu wayengeyena ongcwele ngenkathi eshumayela na? UPetru, uJakobe, uJohane, bonke wayengesuye abangcwele baze bafa, wangcweliswa yibandla elithile lamaRoma na? Mm! Ungangitsheli lokho."

Wathi, "Uthini umbono wakho ngebandla eliKatolika na?"

Ngathi, "Ngiyaxolisa ukuthi ungibuze lokho." Futhi wathi. . .ngathi, "Kumele ngikuphendule na?"

Wathi, "Ngingathanda ukukuzwa."

Ngathi, "Hhayi ukukudelela, kodwa ngicabanga ukuthi kuyisimo esiphakeme ukuzedlula zonke sokukhonza imimoya yabangasekho esikhona."

Futhi wathi, "Ukuthola kanjani lokho na?"

Ngathi, "Noma yini enxuselana nabafileyo ngukukhonza imimoya yabangasekho."

"Awu," wathi, "ukuthola kanjani lokho na?"

Ngathi, "Bonke labonkulunkulu nonkulunkulukazi nakho konke okunye enikhuleka kukho, bafile."

Futhi wathi, "Ngani, Mnu. Branham," wathi, "wena ukhonza uKristu, futhi Wafa!"

117 Ngathi, "Kodwa wavuka futhi ngosuku lwesithathu, futhi Uyaphila manje." Uyaphila kuze kube phakade. Uyisibonakaliso esikhulu. Kungani eYiso na? Angeke uMbulale, angeke

waMbulala. Uvukile futhi uyaphila kuze kube phakade, onguye izolo, namuhla, naphakade.

118 UNkulunkulu usipha isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso seZwi ngezinsuku zokugcina ukuthi Usaphila. Uyi. . . Uyaphila (Ini?), namuhla ukuba Azibonakalise eNzalweni enkulu ka-Abrahama. Amen.

119 Khumbula, iBandla labeZizwe liyingxenye yeNzalo enkulu ka-Abrahama ngoba Bafile kuKristu, futhi baba yizindlalifa zensindiso ngoKristu, noKristu uyiNzalo ka-Abrahama. Sinokukholwa okufanayo u-Abrahama ayenakho. Ngenkathi uNkulunkulu etshela u-Abrahama noma yini, akukho hlelo, akukho okunye okwakungakushaya kukukhiphe kuye, wabiza izinto ezazingekho njengokungathi zazikhona. Futhi noma iyiphi iNzalo enkulu ka-Abrahama ikholwa into efanayo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso, kungakhathaleki ukuthi yini enye eyenzekayo. Ngiyazi ukuthi lokho kuzwakala kulukhuni, kodwa kunjalo, kuyiqiniso. Yebo, mnumzane.

120 U-Isaka wayeyinzalo yemvelo, impela, uKristu uyiNzalo enkulu. INzalo yesibili kwakunguKristu, futhi sizalwa ngoKristu, okusenza sibe iNzalo enkulu ngoKristu, kuNkulunkulu. Manje, siyiNzalo enkulu, hhayi inhlangano, manje, noma ihlelo. YiMbewu enkulu.

121 UNkulunkulu uhlale ekhombisa izibonakaliso zaKhe, izibonakaliso ezinkulu, izinto ezinkulu, kubantu. Futhi U—Ukwenzile, kuyo yonke iminyaka Ubehlale njalo ekhombisa izibonakaliso zaKhe ngabaprofethi baKhe. UNkulunkulu njalo wenza abaprofethi isibonakaliso saKhe. Ngifuna nifake ukulalela kwenu manje, ngoba anginayo ngaphandle cishe eminye imizuzu emihlanu. Qaphelani, uNkulunkulu ukhombisa izibonakaliso zaKhe, futhi ngaso sonke isikhathi lapho umprofethi evuka enkundleni kuhlala kuyisibonakaliso, ngokuvamile isibonakaliso sokwahlulela okuzayo, lapho uNkulunkulu evusa umprofethi.

122 Ngenkathi uNkulunkulu evusa uNowa, kwakuyisibonakaliso ukuthi lowonyaka wobuhlakani wawusufike esiphethweni sawo. Futhi uNowa washumayela izahlulelo zikaNkulunkulu zifika, futhi wenqatshwa, futhi wahlekwa, futhi kwahlekiswa ngaye, kodwa uNowa wangena emkhunjini, futhi uNkulunkulu wabalahla labo ababemhleka. UNowa wayeyisibonakaliso sokwahlulela okuzayo, isibonakaliso sikaNkulunkulu emhlabeni.

123 UMose wayeyisibonakaliso eGibhithe ukuthi iGibhithe laseliphelile, uNkulunkulu wabaminzisa oLwandle oluBomvu, bona, wa—washiywa ezinhluphweni. UJeremiya wayeyisibonakaliso ku-Israyeli sokuthi wayeya eBabiloni. UDaniyeli naye wayeyisibonakaliso.

124 UJohane uMbhaphathizi wayeyisibonakaliso, emva kweminyaka engamakhulu amane kungekho baprofethi, uJohane umBhaphathizi wayeyisibonakaliso sokuza kukaMesiya. UJohane waMmemezela, ukuthi Wayezofika. Futhi khona-ke ngenkathi . . . kwenzenkani na? Uhlanga lwamaJuda lwanqunywa emthini wensindiso. Futhi uJohane wayeyisimemezelo sokuza kokwahlulela.

125 UNkulunkulu njalo usebenzisa abaprofethi okwezibonakaliso zaKhe, manje, ningakukhohlwa lokho, lapho nibona umprofethi eza onyakeni. Futhi ngikholwa ukuthi sithenjisiwe oyedwa, futhi ngikubhekile. KuMalaki 4 kwasho . . .

126 Manje, ngiyazi ukuthi uzongikhumbuza lokho uJesu akusho ngakho, "Uma ningakwemukela, lona ngu-Eliya owayezakufika," lowo umbusiso okhohlwakele kuMathewu 11:6. Ngenkathi abafundi bakaJohane, emva . . . UJohane, njengo-Eliya, indoda yasemahlathini, wayehlala emahlathini, ozonda abesifazane njengo-Eliya, u-Eliya wabalahla labo besifazane kanzima nje ngayengakwenza ngendlela ababephila ngayo, futhi uJohane wenzani na? Into efanayo, "Akuvumelekile ukuba ube naye," abesifazane abaziphethe kabi.

127 Imvelo yalowomprofethi, wayethanda amahlathi, futhi ehlala emahlathini, ephuma engesabi, wayemelene nezinhlangano, wathi, "Nina nzalo yezinyoka, ubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningacabangi, 'Sina*lokhu* kokwethu . . . ' ngokuba uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Akancenganga.

128 UJesu wathi, "Naphumela ukuyobonani na? Umhlanga unyakaziswa yinoma yimuphi umoya na? Hhayi uJohane, qhabo." Manje, ngenkathi laba bafundi sebehamba, Wathi, "Naphuma ukuyobonani na?" Wathi, "Uma ningakwemukela, lona nguye okwakhulunywa ngaye, 'Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.'" Lowo nguMalaki 3, hhayi uMalaki 4.

129 Ngokuba uma lokho, uJohane ngalesosikhathi, khona-ke imiBhalo ayigcwalisiwe futhi yayidukisa, ngoba ngaphambi kokuba loloSuku olukhulu lweNkosi lufike, Wayezothumela u-Eliya, futhi loloSuku olukhulu lweNkosi luzoshisa wonke umhlaba, futhi abalungileyo bayophuma, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, phezu komlotha wababi, lokho bekungeke kube kuJohane, lokho bekungeke kube ngu-Eliya.

130 Manje, qaphelani, ukuze umBhalo uhunyushwe ngokuqinile yiWo uqobo. Qaphelani, "Futhi uzakuphendulela," ukuFika kwaKhe kokuqala, "izinhliziyo zoyise kubantwana," bethatha obaba abadala abangokhokho, futhi bephendulela ukukholwa kwabo kulokhu kukholwa okusha kwabantwana kukaJesu engu . . . eza phambi kwaKhe, "Ngiza phambi kukaJesu.

UMesiya uyeza," ephendulela izinhliziyo zabo ku*lokhu*, basuke emthethweni baye ku*lokhu*.

131 Futhi ekuFikeni kwaKhe kwesibili, Uyophendulela izinhliziyo zabantwana zibuyele koyise basekuqaleni bePentecostal futhi, lokho kufeza isiprofetho sikaJoweli ethi, "Ngizobuyisela yonke iminyaka, eyadliwa yisibotho, nenkasa, kanjalonjalo."

132 Ensimini yase-Edene kwakukhona imithi emibili, owodwa wesifazane, nowodwa wesiLisa. Bonke abaphila ngalowo wesifazane bayafa, ungumuthi wokufa. Njengoba wazalwa ngowesifazane, uyafa, uma uzalwa yiNdoda, uKristu Jesu, uyaphila. Qaphelani, khona-ke umlobokazi ka-Adamu wangcoliswa ngaphambi kokuba afike kuye.

133 Ngenkathi uJesu efika, WayeyilowoMuthi wokuPhila, "NgiyiSinkwa sokuPhila," uMuthi wokuPhila, "ovela kuNkulunkulu uphuma eZulwini. Uma umuntu edla Lona, akayikufa nokufa."

134 Khona-ke ngenkathi Ehamba, Wathenga uMuthi woMlobokazi. NalowoMuthi wamiswa, futhi ufaka izimpande zomhlaba ngoSuku lwePhentekoste. IMfundiso yakhe nakho konke kwenzeka khona lapho-ke ekuqaleni, konke ayekudinga kwanikwa yena khona lapho-ke. Wakhula, futhi wakhula cishe iminyaka engamakhulu amathathu.

135 Kwase kuthi-ke isikhonyane nezibotho ziqala ukudla kuWo, zaze zamunca ukuphila kwaphuma kuwo, futhi Wedlula cishe eminyakeni eyinkulungwane yeminyaka yobumnyama. Senzeni lesosikhonyane na? Senzeni leso sibotho na? Yisinambuzane esifanayo esigabeni esihlukile. Kwenzenkani na? Okokuqala, kwakungamaNikolawu.

136 Kusho, *niko* kusho "ukunqoba abangafundele lutho," ukhiphe wonke uMoya oNgcwele kwabangafundele lutho, futhi baWubeke kumuntu oyedwa, umbhishobhi, uphapha, noma okuthize. Izicukuthwane zikufuna ngaleyondlela, ukuze abe ngumthwali wesono wabo bonke. SinoMthwali wesono oyedwa, lowo nguKristu, kodwa yilokho abakufunayo. Nikolawu, *niko* kusho "ukunqoba," *lawu* yiBandla. Thatha wonke uMoya oNgcwele. . .Abangcwele, umuntu oyedwa nje ongcwele. Kungumqondo wokufaka imali ebandleni ngokuvuma.

Omunye wathi ngolunye usuku, "Uyakholelwa esihlanzweni na?"

137 Ngathi, "Yebo, mnumzane." Ngathi, "Hhayi uhlobo okhokhela ngalo umpristi othile ukuthi akukhulekele. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uhlanza imiphefumulo yethu njengamanje, futhi sidlula esikhathini sokuhlanzwa, sokuhlanza kukhishwe amanyela." Impela.

138 Qaphelani, manje, bakhipha wonke uMoya oNgcwele ebandleni, futhi benza umuntu ongcwele, isizotha esivela ebandleni kumuntu ongcwele, wakunqoba. Lokho kwadlula kulelohlelo elikhulu lobuKatolika labusa umhlaba amakhulu ngamakhulu eminyaka.

139 Nakho kuvela umguquli, uLuther. Futhi kwathi nje uLuther angafa, balihlela, nomvini woma, noMlimi walithena. Lashonaphi na? Lifile. Ngikhombise lapho elake lavuka khona emva kwemvuselelo kaLuther, lafa.

140 Kwase kufika, emva kwalokho, uJohn Wesley, isigaba esilandelayo sesihlahla, umuntu omkhulu kaNkulunkulu owashumayela uKulungi-. . . Ukungcweliswa. Kwenzekani na? Kwenzenkani na? Kwathi nje uWesley, futhi—futhi u-Asbury kanye nabo bafa, bahlela futhi benza ibandla ngakho, noNkulunkulu, uMyeni, wawathena amagatsha futhi lafa; ngitshele lapho abake baba nenye imvuselelo.

141 Bese-ke kufika iPentecost, nokubuyiselwa kweziphiwo. Kwenzekeni kulo na? Amandla kaNkulunkulu athululwa futhi, uMoya oNgcwele. Benzeni na? Kuhlelwe ndawonye futhi, kuqale ukuhlukanisa ubuzalwane. Futhi kwenzekani na? UNkulunkulu wavele wayinquma. Kunjalo.

142 O, kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngizobuyisela, isho iNkosi." LeyoMbewu, kuphi ukuPhila kwaYo na? Phakathi ngqo komuthi kugijima umzila wokuphila, hhayi lamagatsha awela *ngale*ndlela, ukuphila kuphakathi nendawo ngqo nomuthi. UNkulunkulu wethembisa akunandaba ukuthi izinkumbi zifika kangakanani kuWo, njengezibotho zidla futhi zimunca, nezinto ezinjalo, kodwa, "Ngizobuyisela, kusho iNkosi."

143 Lapho lowoMuthi ufika esiqongweni, ngokuqinisekile nje njengoba ngimi lapha, lapho abantu bakaNkulunkulu bezozihlanganisa ndawonye, nakuba umehluko wehlelo, futhi bayoza ekuPhileni kukaNkulunkulu, futhi kuyoba khona ukuthululwa kukaMoya oNgcwele okuzobuyisela isithelo sikaMoya eBandleni futhi, kuzoba yisibonakaliso esikhulu.

144 Manje, akunandaba uma uyiMethodisti, kulungile lokho, iBaptisti, iPresbyterian, akunandaba ukuthi usonta kuliphi ibandla, lokho akuhlanganise lutho nakho, uma wena, uncike kulokho nje, uzofa, uzothenwa njengegatsha elifile, njengoba uMuthi ukhuphuka. Isithelo sihamba siyephezulu ngqo esiqongweni somuthi, khumbulani, yilapho ilanga lisishaya khona.

145 Manje, manje, into yakho ingukuthi, lapho singaziletha enhliziyweni eyodwa, sihliziyonye, indawo eyodwa, uNkulunkulu oyedwa, insindiso eyodwa, uMoya oNgcwele owodwa, isibusiso esisodwa, haleluya, khona-ke nizobona isibonakaliso esikhulu.

146 Ngenkathi abantu beyeka ukuzixuba nalesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo uNkulunkulu asibhalile, lapho abantu beyeka ukuxutshwa neBhayibheli, futhi abuye futhi akholwe yiZwi, futhi enza kuLo futhi ahlale lapho, hhayi ngenxa yamadlingozi, kodwa kuze kube iZwi qobo lwaLo liphilisiwe, futhi lalethwa ekuPhileni, futhi babona izibonakaliso zangempela zeBhayibheli zosuku lokugcina, isibonakaliso esikhulu, uMesiya ofanayo owake waphila. . .

147 Kuzovela umprofethi ngolunye lwalezizinsuku, eshumayela iZwi likaNkulunkulu lasekuqaleni. Ukhuluma ngami ngikutshela ngokuba nezinwele eziphunguliwe noma okuthize, linda uze umthole, linda uze umlalele. Ucabanga ukuthi nginesankahlu enhlanganweni, linda aze abe khona, uzobuyisela yonke iminyaka eyadliwa yisibotho.

148 Kuyoba uMlayezo ophumayo. . .Abanye abantu bathi, “Awu, yinhlangano,” ngibonise isikhathi esisodwa uNkulunkulu ake asebenzana nanoma iyiphi indlela ngaphandle komuntu oyedwa, Akakaze ngisho abe nabaprofethi ababili ngesikhathi esifanayo, njalo ngumuntu ngamunye.

149 Amadoda inemibono eyahlukene, ancintisana ngalokho, uthola inxushunxushu. UNkulunkulu unomuntu oyedwa Asebenza ngaye. Kwakukhona u-Eliya oyedwa, kwase kuba u-Elisha, kwase kuba uJohane, kwehlele njalo kuJesu, kanjalonjalo, kwehle njalo, kwakukhona uLuther, uWesley, kanjalonjalo, kwehle ngqo njalo nje.

150 Kuzofanele kufike, ngalolusuku lokugcina, ukubuyiselwa kweBandla, lowoMuthi woMlobokazi, owadliwa wawiswa phansi emuva ngaleya yinkumbi nezibotho, nazo zonke izinhlobo zezinambuzane ezidla lonke uthando lobuzalwane nezithelo lusuke kuWo. Kuzofanele kufike iBandla futhi lapho leyomigoqo iyokwephulwa khona, futhi uMoya oNgcwele uyoba nelungelo lendlela phakathi kwabantu. Uma wenza, uzobona izibonakaliso ezifanayo nezimanga ezenzeka emuva lapho ngalezozinsuku. Amen.

151 Sibheke iSibonakaliso esikhulu, manje, lesoSibonakaliso esikhulu sasinguMntwana ozelwe yintombi owayezohlala phakade, iSibonakaliso saPhakade. Futhi lowoMntwana akafile. Yena, baMbulala, Wafa, impela, udosi lokufa lwaMbulala, kepha uNkulunkulu waMvusa futhi, futhi naNgu emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili zabo bonke ubunzima, nesikhonyane, nezibotho zidla kuWo. Isekhona insali yabantu ekholwa nguNkulunkulu futhi igcina iZwi laKhe.

152 Futhi kuzoba noMlobokazi ngokuqiniseke njengoba ngimi kulelipulpiti, kuyoba khona uMlobokazi ogezwe eGazini laleloWundlu. NaleloWundlu liyobe liphila phakathi kwabo, libonisa izibonakaliso ezinkulu zokuvuka kwaKhe, emva

kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili into efanayo Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Ngiyakukholwa lokho. Amen.

153 Abantu bafuna izibonakaliso ezinkulu. Uthi, "Awu, ngiyakutshela, sinesibonakaliso esikhulu, sengeze abantu abayizinkulungwane ezinhlanu enhlanganweni yethu ngonyaka odlule." Leso yisibonakaliso esikhulu, leso kwakungesona isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu, nokho. Ubukhomanisi bengeze okuningi kunalokho.

154 Kambe, ngingahle nje ngikusho, kusenhliziyweni yami, nina bantu nibesabani ubukhomanisi na? Nesaba ubukhomanisi buzobusa umhlaba na? Nina bantu anilazi iBhayibheli. Ngikhombise indawo eyodwa lapho eLathi khona ubukhomanisi buzobusa umhlaba. IBhayibheli lathi iRoma izobusa umhlaba, hhayi ubukhomanisi. O, ubuKhomanisi bungunodoli nje ezandleni zikaNkulunkulu, budlala konke ukubahlupha bonke ndawonye futhi benze amaZwi aKhe afezeke. Into efanayo, Wathi, "Ubani esingamthola ukuba akhohlise u-Ahabi ukuba amthumele phezulu lapho, ukwenza isiprofetho sika-Eliya sifezeke na?" Ubukhomanisi angeke bubuse umhlaba.

155 Niyabo, uDaniyeli wawubona lowombono, yonke leyomibuso yalandelana, kwehle njalo ngqo, futhi awuzange ungene kubukhomanisi, waphuma ngqo nalawomandla okuqina eRoma ezinyaweni. Kulungile. UbuRoma buzobusa umhlaba, hhayi ubukhomanisi, ngakho ningakhathazeki ngalokho, lokho akungikhathazi nakancane.

156 Into engizihlupha ngayo ngukuthola abantu bami, labobangcwele abayigugu bakaNkulunkulu phandle ngaleya ndawondawo, ukuba babheke phezulu nga*leyo*ndlela, ukususa ingqondo yakho ezintweni zezwe, ukuthola isehlakalo sangempela, lesosibonakaliso esikhulu kuwe, sokuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi zonke izinto ziba zintsha, ukukholwa kuNkulunkulu, izibonakaliso ezinkulu nezimanga zihamba nabo, iziNkanyiso zakusihlwa. Haleluya! "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Kunjalo.

157 Isibonakaliso esikhulu: Ilanga ngokwalo lizophuma ngesikhathi sokuhlwa, il-a-n-g-a lizophuma, neN-d-o-d-a-n-a iyaphuma, iphuma ekubonakaleni kwaKhe ngesikhathi sokuhlwa. Kuyini na? Ukuvuthiswa izithelo zoMuthi waKusihlwa. Wathi Uyobuyisela lowoMuthi, owagawulwa waba yiSiphunzi yi. . .zonke izinhlobo zezivumokholo, zimfundiso ezingenakuphikiswa, nakho konke, kodwa, "ngiyakubuyisela, isho iNkosi." "NgizoWubuyisela," futhi kuyoba yisibonakaliso esikhulu kulowoMuthi, ngoba uNkulunkulu akanaso esinye isibonakaliso. "Ngizobanika isibonakaliso esiphakade."

158 Manje, hlobo luni lwemisebenzi eyenziwa yilesosibonakaliso ngenkathi Elapha emhlabeni na? Bukani Akwenze izolo, khona-ke Uzofanele enze okufanayo namhlanje, ngoba

yisibonakaliso saphakade. Nakuba kukhulunywa ngobubi, kuseyisibonakaliso sikaNkulunkulu. "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Sikulolo suku, bangane, sisesikhathini sokuhlwa, ningakukhohlwa.

159 USathane usanda kuphuphuthekisa amehlo abantu, usengene emabandleni futhi wenza inxushunxushu ngawo, abantu, abayigugu, abamesabayo uNkulunkulu. Izolo bengihlezi ekhefi, noma, e—e—endaweni othenga udlele kuyo enhle, enhla eLos Angeles, lapho abanye abantu abayigugu bengithathile, bekukhona osomabhizinisi, bekukhona ama-Episcopal, kanjalonjalo, ehlezi lapho, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kuyini na? Bakubonile ukuKhanya. Kuthe nje lapho lokho kuKhanya kubaneka phezu kwabo, bebeyiMbewu, amagama abo afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi lokho kuKhanya kukaNkulunkulu kubashanela.

160 Enye indoda yathi, "Bengicabanga ukuthi bebelutha labobantu," ibisemhlanganweni wasePhoenix, "kodwa," ithe, "ngenkathi ngibona ukuthi ukulutha angeke kwehle futhi kwahlukanise imicabango yenhliziyo yomuntu, Ngiyabona ukuthi ukulutha angeke kuzenze lezizinto, futhi ngahamba nabo, abazona izifundiswa," ithe, "abasibo abantu abafundile, bathobekile njengoba bengaba njalo, bavele bavule inhliziyo yabo," uthe, "lowo nguNkulunkulu, futhi ngiyaKufuna," waqala ukukhuluma ngezilimi khona lapho. Amen.

161 "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Isibonakaliso esikhulu sizozibonakalisa kukho konke ukuKhanya kwakusihlwa. Khumbula, ilanga elifanayo elinikeza ukukhanya kusihlwa yilanga elifanayo elinikeza ukukhanya ekuseni; akulona uhlobo oluhlukile lokukhanya, ukukhanya okufanayo. Niyakuthola na?

162 UNkulunkulu wathi, "Ngizobanika iSibonakaliso saPhakade, futhi Sizoba yiNdodana." Futhi leyoNdodana, lapho Ikhanyisa kubantu basempumalanga, manje Ikhanyisa kubantu basentshonalanga. Manje, awukwazi ukuqhubekela phambili, ilanga lihamba lisuka empumalanga liye entshonalanga, njengoba impucuko ihambile, sisoGwini lwaseNtshonalanga, siya phambili, sibuyela empumalanga futhi. Kusesikhathini sokuphela.

163 UKristu oligugu, uNkulunkulu waPhakade, Uzikhanyisa phezu kwethu, Ezenza Aziwe kithi. Ngani na? Emela iZwi laKhe ekugcwaleni naseZwini. "Kuyakuthi ngalezozinsuku zokugcina, kusho uNkulunkulu, Ngizothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama," isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esikhulu.

164 Sithola isibonakaliso esikhulu. Sibe nezibonakaliso zehlelo, sibe nezibonakaliso zezivumokholo, izibonakaliso zezimfundiso ezingenakuphikiswa, nokunye nokunye, kodwa manje sithola

isibonakaliso esikhulu, iNdodana kaNkulunkulu, ibonakaliswe kithi kuMuntu kaMoya oNgcwele, okunguNkulunkulu kuwe, uNkulunkulu esebenza enyameni yomuntu, leyo yiNzalo ka-Abrahama.

165 Qaphelani, ekugcineni, ngaphambi nje kokuba u-Abrahama ahlukaniswe noLoti, neSodoma lashiswa, UNkulunkulu wehla esesimweni somuntu, futhi Uyadla. Umfundisi wathi kimi, esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, manje unozwelo kakhulu ngalokho."

Ngathi, "Qhabo, anginjalo, anginawo umqondo kakhulu." Ngathi, "Lokho—lokho kukhombisa ukuthi nginengqondo elungile."

Wathi, "Uyakholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?"

Ngathi, "U-Abrahama waMbiza ngoNkulunkulu." Ngathi . . .

Wathi, "Ukudla leyonyama nokudla lesosinkwa nezinto na?"

Ngathi, "Yebo." Ngathi, "Uvele ukhohlwe ukuthi uNkulunkulu mkhulu kangakanani."

166 Ngikholwa ukuthi lezo kwakuyiziNgelosi ezimbili. Manje, niyabo, senziwe ngezakhimzimba eziyishumi nesithupha kuphela zomhlaba, lokho ngukuthi, niyazi, ikhalisiyamu, iphothashi, iphetroliyamu, ukukhanya komhlaba nezulu, nokunye nokunye, uNkulunkulu wavele welulеleka phansi futhi wathola idlanzana lalezozinto, wayesethi, *Whewu*, wathi, "Ngena lapha, Gabriyeli, Siyehla," futhi waZenzela owodwa. Kunjalo.

167 O, ngijabula kakhulu ukuMazi kanjalo! Nakuba kungahle kungabi khona ngisho nechashaza elilodwa lami elisele emhlabeni, kodwa uNkulunkulu wami, Owethembisa ukungivusa ngezinsuku zokugcina, angakhuluma, ukukhanya kwezulu nomhlaba kuzoba khona, uma kuphela igama lami liseNcwadini yaKhe, amen, lilotshwe lapho ngeGazi leWundlu. Isibonakaliso esikhulu.

168 Awujabuli na? AwuMthandi nje ngenhliziyo yakho yonke na? Muhle kakhulu. NgiyaMthanda ngakho konke okukimi. UNkulunkulu makabonakaliswe. Amen. Ngiyakholwa ukuthi Ulapha. Amen. Kukhona okusanda kwenzeka ngaleyonkathi, ngibone okuthize kwenzeka. Amen. Uhlala njalo esekela iZwi laKhe uma liqinisile, isibonakaliso esikhulu. Buka lokhu:

169 Khona lapho, kukhona umuntu ovela ngapheseya kolwandle. Mhumushele. UngowaseDenmark, uyagula, inkathazo yakho isemizweni yakho, emisipheni yakho. Mtshele, "Khohlwa yikho, buyela lapho futhi uphile."

170 Isibonakaliso esikhulu! Uyasikholwa na? Isibonakaliso esikhulu. Nicabangani nina bantu na? Niyakholwa na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu, ningangabazi.

171 Nakhu kuhlezi indoda lapha ilungiselela ukuhlinzwa, inethumba. Mnu. Harrison, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ngeke kudingeke ukuba ube nakho. Uma uzothatha uNkulunkulu eZwini laKhe futhi uMkholwe, konke kuzophela. Kukuwe, ukuthi uyafuna yini ukuMkholwa noma qha.

172 Inenekazi elivela eSacramento lihlezi lapho nenkathazo yamathumbu, uyafuna ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? UNkulunkulu uzokuphilisa. Ungakuthola okwakho.

Isibonakaliso esikhulu!

173 Kuthiwani ngawe, Mr. Love? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Kulungile. Sukuma ngezinyawo zakho futhi ukwemukele.

Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone.

174 Inkathazo yesinye, umfutho wegazi ophakeme, inkathazo yendlala. Ake ngikutshele enye into, ukhulekela omunye umuntu, ngumkakho, akekho lapha. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uma ngikutshela ukuthi yini engalungile ngomkakho, uzokukholwa ukuphulukiswa kwakhe na? Unomfutho wegazi ophakeme naye, kholwa manje, futhi uzosinda.

Isibonakaliso esikhulu.

175 Beka isandla sakho kuleyondoda ehlezi eduze kwakho lapho. Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo, Mnumzane na? Kulungile, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke naleyonkathazo yeqolo izokushiya.

176 Kulungile, Mnumzane, njengoba ufinyelele lapho, uzomsiza lapho kancanyana, ubeke izandla zakho kuye. Uma uzokholwa, leyo lukhemiya isifo sokushodelwa igazi emzimbeni izokushiya, futhi uzophila, amen, uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

177 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esingeke sehluleke, uNkulunkulu waseZulwini umi ekhona. Wethembisa ukuthi Uyokwenza, aKakwethembisanga na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

178 Manje, ake nginitshele, noma yini engaphandle kokuzalwa ngokusha ayisoze yafinyelela oHlwithweni. Ngaphandle uma kukhona iMbewu yokuPhila ngaphakathi kuwe, uzobhubha, angeke uphinde uvuke futhi. Uma ungenayo leyoMbewu yokuPhila kuwe kulentambama, futhi awusiye umKristu, kungani ungakhuphukeli khona lapha, wedlule ngalapha, futhi angikhuleke kanye nawe? Uzokwenza na? Sukuma.

179 Angikholelwa kukho konke lokhu lapha uzwelo. Awuyi eZulwini ngemizwa, uya eZulwini ngoba ukholwa iZwi likaNkulunkulu, uzokwamukela uJesu Kristu, yilokho.

180 Uma ngempela ungenaye uNkulunkulu, woza khona lapha. Ngi—ngizizwa ngiholeleka ukwenza lokhu, ngime ukukhulekela abagulayo. Ngicela noma yimuphi umuntu ongenaNkulunkulu, ongenathemba kulentambama lovuko, isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu sihamba phakathi kwabantu, woza khona manje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

181 UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Omunye umuntu amlandele. Yiba ulokhu uza, qhubeka usukume futhi uze. Kulungile, Nsizwa eseNcane. Kunjalo, Mnumzane, woza ngqo wehle. Amen. Ngena khona lapha. [UMfowethu Branham ushiya imikhrofoni ukuba akhulekele abantu, amazwi amaningi awezwakali—Umhl.] . . .?. . .

182 Kulungile. Zibumbeleni umugqa omncane lapha. Hambani nijikeleze ngqo, niguqe phansi ngasezihlalweni. Sizonikhulekela emzuzwini nje. [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abantu, amazwi amaningi awezwakali—Umhl.] . . .?. . .

183 Ningabuyeli ezihlalweni zenu. Buyelani khona lapha, asinjalo . . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhuleka cishe imizuzu emihlanu, amazwi amaningi awezwakali—Umhl.] . . .?. . .

Nkosi, nikeza ugcobo lukaMoya oNgcwele phezu kwalona wesifazane ukuba ahambe futhi abe yisithunywa senkolo kumaJuda, eGameni likaJesu . . .?. . .

184 Indoda ehamba ngezinduku zokuqhugela ifuna ukusindiswa, akumangalisi lokho na? Ngolunye usuku kwakukhona o, ubusuku bokuqala lapha, kwakukhona owesifazane cishe oneminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala okhuphukela lapha, futhi wayengakaze asindiswe. Wanikela impilo yakhe kuKristu, waya ekhaya futhi wafa. Uma lowo kungewona umusa, angiwazi. Esindisiwe manje . . .?. . . Kwangathi uNkulunkulu angamupha okufanayo umfowethu, ngaphambi kokuba aphume kulelokamelo lapho . . .?. . . eza nenduku yakhe yokuqhugela, elele ngaphakathi . . .?. . . UNkulunkulu ambusise, futhi amnike ukuPhila okuPhakade, futhi aphulukise umzimba wakhe . . .?. . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abantu, amazwi amaningi awezwakali—Umhl.]

185 Uyise wentombazane encane ulapha, indoda eyiJuda, iza futhi ithi ikholelwa eNkosini uJesu Kristu . . .?. . . futhi inqoba isango laso sonke isitha esiyihluphayo, eGameni likaJesu Kristu. Izibusiso kuwe, Mnumzane. Ngizohlangana nawe eNkazimulweni uma kungengaphambili . . .?. . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abantu, amazwi amaningi awezwakali—Umhl.]

186 (Unayo indawo yesiqophamazwi?) Manje, bangaki abanamakhadi omkhuleko na? Kulungile, siqale kuphi ngobunye ubusuku, noma, sishiye kuphi na? Bekungewona

cishe amashumi amabili na? Besikuphi na? U-I, bekungesuye na? U-I, amashumi amabili ngabe ilapha na? Yilapho esishiye khona, u-I, amashumi amabili. Amashumi amabili, amashumi amabili nanye, amashumi amabili nambili, amashumi amabili nantathu, amashumi amabili nane, amashumi amabili nanhlanu, ku-I. Kulungile.

187 Manje, abangenisi bazonisiza lapha ukuze ningene emgqeni. Amashumi amabili nanhlanu, amashumi amabili nesithupha, amashumi amabili nesikhombisa, amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili-. . .Bonke o-I. Ku-I, letha lokho. Ikhadi lomkhuleko u-I, amashumi amabili kuya ekhulwini.

188 Yiliphi elilandelayo, u-J? Kulungile, Mnumzane. Kulungile, ngenkathi beseza, sizokhuleka. . .Ake sibone, ukuthi sidlula kanjani kubo bonke? Kulungile, nonke khulekani. . .?. . .

189 Manje, u-J, futhi. Bonke abanamakhadi omkhuleko abasukume. Sizokwenza okuthize okuhlukile khona manje, kunalokhu ebesikwenza. Bonke abanamakhadi omkhuleko sukumani *ngapha*.

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kuphela. . .(Manje, yima nje khona lapho nje. . .), kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

190 Manje, ukuze ningacabangi ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungomvangeli kuphela, lamadoda lapha anelungelo elininingi nje lokukhulekela abagulayo njengami, u-Oral Roberts, nanoma yimuphi umuntu, bonke bayizinceku zikaKristu.

191 Futhi manje, uma nje uzokholwa! Ngifuna ukubeka izandla phezu kwawo wonke umuntu oza emsamo, hhayi lokho kuphela, kodwa ngifuna abafowethu abangabefundisi babe nami, ukusiza ukubeka izandla phezu kwabagulayo, ngamunye wenu, ukuze ubone ukuthi kunjalo. . .i. . .ibandla lakho liyakubona lokho ngoba nje awusiye umvangeli, lokho akusho ukuthi uNkulunkulu akanawe, unawe nje njenganoma ubani lapha.

192 Futhi manje, manje, kini bantu abazoza emgqeni womkhuleko, uma uza ubheke ukuphulukiswa, uzosuka kulowomsamo uphilile. Manje, kanjani. . .? Manje bukani, ningakugeji manje, kungcono nikuthole kucacile lokhu, ngoba, uma kungenjalo, uvele ushaye udonga. Kodwa uma ungenjalo. . .Uma ukuthola kucacile, kukhona okulungela ukwenzeka. Niyabo? Ngi—ngi—ngiyanithanda, futhi ngi—ngifuna ukunisiza, kodwa ni. . .Lalelani engizokusho.

193 Kungenzeka kanjani ukuthi isidalwa esingumuntu sike sikwazi ukuhlukanisa imicabango kubantu, futhi sibuke okwenzekayo na? Manje, ngabe kunjalo na? Uma bona . . . ukube lokho bekungenziwa e—eSodoma, ngabe lisamile nanamuhla. Niyabo? Kukhulu kakhulu, kungukuthi ngisho . . . kube nokuningi okwenzeka khona lapha kulowomugqa kunalokho okulotshwe kulolonke iBhayibheli.

194 Kulomhlangano kuningi okwenziwe kulowomugqa wesibonakaliso esikhulu, kokuvuka kukaKristu, noBukhona baKhe, ekhombisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo, Ofanayo, onesibonakaliso esifanayo, enza into efanayo. Futhi Wathi, Yena uqobo, "Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni." Ngabe kunjalo na?

195 Manje, ukuba Ubemi lapha, khona manje, egqoke le sudi, Ubengeke akuphulukise ngaphandle uma ubuMkholwa. Manje, ubengakutshela ukuthi bekuyini inkathazo yakho, izinto eziningi ezinjalo, kodwa Ubengeke akuphulukise, ngoba Usevele ukwenzile. "Ngemivimbo yaKhe *sa*phulukiswa." Ngabe kunjalo na? Sekuvele kuphelile, sekwenziwe nya, wonke umuntu.

196 Manje, lalelisisani, kuleliviki ngizamile ukunenza nibone indlela enkudlwana yokukwenza. Manje, kwakukhona iJuda ngesinye isikhathi elathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi izakuphila." Lokho kwakuyisiko lamaJuda, ukubekwa izandla. Kodwa umRoma, oweZizwe, wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami, vele ukhulume iZwi."

197 Futhi lapho nibona iZwi laKhe libonakaliswa hhayi kimi kuphela, kodwa nani, ukukholwa kwami esiphiweni, ukukholwa kwenu kuNkulunkulu othumele isiphiwo, futhi nisibone sisebenza phakathi kwethu, lowo nguNkulunkulu.

198 Ngifisa nje sengathi bengingakuthola lokho kini nonke. Uma nje bengingathola leliqembu elincane libone lokho, kuzoba nelinye iPhentekoste elenzekayo khona manje, uma nje benginganithola ukuthi niqonde ngempela ukuthi kuyini.

199 Manje, ake ngidlule kukho futhi, yibani nehlonipho ngempela manje, bukani, uNkulunkulu wethembisa lezizinto ukuthi zizokwenzeka ngezinsuku zokugcina, nazi ziyenzeka. Mina, kimina uqobo, ngiyisidomu, anginayo ngisho imfundo ejwayelekile yasesikoleni, angazi lutho ngalezizinto, uBaba waseZulwini uyazi ukuthi kunjalo, kodwa ngenkathi ngizalwa emhlabeni, ngenkathi ngisengumfanyana nje, ngiyibonile imibono futhi bekungamashumi ezinkulungwane zayo, futhi ngayinye ibiphelele. Akukho neyodwa into, angikaze ngibikezele noma yini, ngaphandle kokwenzeka ngayo impela nje indlela Eyathi kuyokwenzeka ngayo. Niyabo?

200 Manje, khona-ke uhlezi lapho, futhi uzisho ukuthi ungumKristu onokukholwa, khona-ke ukukholwa kwakho

uqobo kuya e—esihlalweni soBukhosi sikaNkulunkulu, futhi kuthinta umPristi oMkhulu, futhi Uphendukela emuva ngesiphiwo futhi uphendula ngqo ukukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owayenguye, okimi, nakini, UnguNkulunkulu ofanayo.

201 Manje, lokho ngukuthi . . . Senake nasibona isithombe sakho emuva lapho, mhlasimbe ninaso? LeyoNgelosi efanayo, lokho kuKhanya enikubuka kulesosithombe (Lapho ngihlangana nawe eNkantolo yokwaHlulela, khumbula ukuthi lokhu kuyiqiniso.) akusiwo amafidi amabili ukusuka lapho engihambahamba khona njengamanje. Kunjalo. Awukukholwa, qala ucabange into embi ngakho, ubone ukuthi Akakutsheli yini ngakho. Niyabo? UNkulunkulu usenguNkulunkulu, Ufanele abe nguNkulunkulu, UnguNkulunkulu, Ubelokhu enguNkulunkulu.

202 Futhi manje bukani, uma lokho kugcotshwa lapha . . . Manje, mhlawumbe abazalwane abakwenzi lokho, kodwa laba abanye abefundisi, kuneziphiwo eziyisishiyagalolunye ezithunyelwe nguNkulunkulu eBandleni. Ngabe kunjalo na? Abaphostoli, okusho ukuthi "izithunywa zenkolo," abaphostoli, abaprofethi, labo ngababoni, na—nabafundisi, abelusi, abavangeli. Yizo zonke leziziphiwo zihlezi ndawonye lapha, manje hhayi isikhundla esisodwa kuphela, kodwa zonke lezizikhundla ndawonye, noMoya oNgcwele lapha ezibonakalisa.

203 Lababelusi, bakufundise indlela yokuphila, ulandele imiyalelo yabo futhi wemukela uMoya oNgcwele. Wemukela eyabo . . . uMoya oNgcwele futhi wemukela insindiso ngokulandela lokho impela labo bafundisi abakutshele ukuthi ukwenze. Manje, ngiyafika futhi nganitshela ukuba nikholwe eNkosini uJesu Kristu, Ibizophendula, futhi nakhu ngesinye isiphiwo. Manje, udlula ngaphansi kwesandla sazo zonke lezo ziphiwo. Wena, ungehluleka kanjani na? Angeke kwehluleke. Lapho unqamula lo msamo, futhi indoda yokuqala ibeka isandla sayo phezu kwakho, ithi, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu, ngokungiphulukisa," suka lapho uthokoza.

Manje, asikhothamise amakhanda ethu, wonke umuntu.

204 Nkosi, ekuvaleni kwalomhlangano wezinsuku ezinhlanu, ngiyaqaphela lapha, namuhla, ubuqotho babantu. Futhi ngiyabona ukuthi ukuwalazela nokukhwishizela, nengcindezelo, uSathane ubeyophonsa lokho kudideka phakathi kwabo ukuze abavimbe bangabi nokukholwa, kodwa siyaKucela, Nkosi, ukuba umbambe. Makuthi uMoya kaKristu umbuse aphume lapha.

205 Futhi makuthi abantu, njengoba bedlula emsamo, khumbulani balandela ncamashi nje lokho umBhalo owathi kwenze, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Impela, ngezinkonzo ezinhlanu ezilandelanayo, ukuqinisekiswa koBukhona baKho, ngokukhuluma ngezilimi, ngokuhunyushwa

kwezilimi, ngokuphulukisa abantu, ukubakhipha ezihlalweni ezinamasondo, futhi nxazonke endaweni, nezifo, futhi—futhi izinto sezikhulunyiwe futhi zatshelwa abantu, bese kuthi-ke, bebona amandla kaNkulunkulu ebasindisa, bebona zonke lezizinto zenzeka, impela, bayakholwa.

206 Yazisani izinhliziyo, imfihlo ngisho enhliziyweni, nabantu ababakhulekelayo, abathandekayo babo kanjalonjalo. Impela, bangabona ukuthi yiNkosi uJesu ethandekayo.

207 Manje, Makafike ngamandla aKhe, ngempoqo yaKhe. Ngiyababusisa abazalwane bami lapha, Nkosi, ozoma nami, lababelusi nabafundisi abangisizile, abame lapha eduze kwami, uNkulunkulu ababusise, kwangathi izandla zabo nomzimba kungagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

208 Futhi njengoba lababantu egula, lowo—lowo ngabantwana bomunye umuntu, umama womunye umuntu, ubaba womunye umuntu, umyeni womunye umuntu, unkosikazi womunye umuntu, bekungaba owami, O Nkulunkulu, ngokujula kobuqotho, makuthi labobantu baqonde ukuthi sebevele baphulukisiwe, bafanele bakwemukele kuphela. Siphe khona. “Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe,” futhi sengathi ngamunye angaphulukiswa odlula kulomugqa kulentambama, njengoba sibeka izandla phezu kwabo, eGameni likaJesu. Amen.

209 Ngizocela abafowethu lapha, ukuthi nizokwenza umugqa, khona *ngapha*. Wozani khona lapha emsamo. Wozani ngapha ngqo futhi nenze umugqa obheke emuva nga*le*ndlela, obheke emuva nga*le*ndlela. Kunjalo, nina bazalwane abangabefundisi . . .?. . . Manje, manje, bumbani omunye umugqa khona ngaku*lolu*hlangothi.

210 Amen. Isikhathi somnyakazo manje. UMoya oNgcwele uZibonakalisile ukhona, iZwi liZiqinisekisile, manje yisikhathi sakho sokwenza, lesi yisikhathi sakho. Bangaki okholwayo na? Kulungile, njengoba nilandela kulomugqa kulentambama, dlulani nikholwa. Buyela esihlalweni sakho, unikeza uNkulunkulu udumo. Akunandaba ukuthi yini engalungile ngawe, kholwa noma kanjani.

211 Uma kukhona abakhubazekile, ngicabanga ukuthi kukhona umuntu lapha uku—ukuphusha isihlalo esinamasondo, mababaphushele phezulu ngqo *ngapha*, sizokwehlela lapho futhi sibakhulekele, abadingi ukubaletha emsamo, sizokwehlela lapho. Angeke nidingeke nibaqukule, noma yini, nje baletheni khona nga*lapha*, futhi sizokwehla futhi sibakhulekele.

212 Manje, bangaki kulesisakhiwo abaphilayo, abazohlanganyela nathi emkhulekweni na?. . .?. . . Manje, phendukani bantu abagulayo, bukani ukuthi ubani ozokukhulekela, bheka phezulu kulomsamo lapha.

213 UBukhona bukaMoya oNgcwele, isibonakaliso esikhulu! Lesisibonakaliso asikaze senziwe eBandleni kusukela

ezinsukwini zabaphostoli, nangu usomlando emi lapha, khona manje, asikaze senziwe kusukela ezinsukwini zabaphostoli. Ngani? Lokhu ngukuKhanya kwakusihlwa, iSodoma lisizungezile, kungokweBandla elibizelwe ngaphandle.

214 Manje, nansi into uNkulunkulu afuna uyenze: Dlula lapha, futhi ngokushesha nje lapho udlula, woza ngokukholwa kwakho kubekwe kuNkulunkulu, futhi uthi, "Ngiyakukholwa khona manje, Nkosi, futhi ngiyakwamukela," suka emsamo ngqo, sekuphelile-ke.

215 Kulungile. Manje, ngifuna bonke abantu ezithamelini nabo bakhuleke kanye nathi manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu njengoba abantu bedlula.

216 (Asibeke lokhu lapha, ukuze kungabikho muntu ozonyathela kukho, njenga*lapha* ohlangothini. Manje, mfowethu, omunye wenu lapha uzothatha *lokhu*. Mfowethu Kopp, mhlawumbe uma uzobamba *lokhu* ngisakhulekela abagulayo, Mfowethu.)

217 O, kukhona okufanele kwenzeke, akunjalo na? Bangaki abakukholwayo ukuthi kuyenzeka na? Ngiyakholwa. Manje, sonke asikhothamise amakhanda ethu manje, ngenhlonipho, futhi, sisakhuleka, futhi makuthi izethameli ziqale ukuza zedlule manje.

218 Baba wethu waseZulwini, lona wesifazane uphumela phambili manje kulomugqa omkhulu womkhuleko, okwalentambama, yena uyedlula kuqala, isandla emva kwesandla sizobekwa kuye, nabanye, njengoba bedlula, ngenkathi imikhuleko ikhuphuka yonke indawo.

219 Manje, Nkosi, lokhu yi. . .Angikholwa ukuthi Ubungenza okungaphezu kwalokho Osuvele ukwenzile. Ububonisile uBukhona baKho, Waqinisekisa iZwi laKho, wenze zonke lezizinto ezinkulu.

Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, makube njalo, makuthi ngamunye uzophulukiswa lapho bedlula. EGameni likaJesu Kristu, siphe khona, Nkosi, njengoba behamba.

[UMfowethu Branham ukhulekela abantu abagulayo, amazwi amaningi awezwakali—Umhl.]

220 Ngifuna ukumisa umugqa umzuzu nje. Niyambona lo mfana omncane oyikhaladi na? Izolo ebusuku uphulukisiwe futhi wathathwa ekukhubazekeni, esihlalweni esinamasondo, nangu uyahamba udlula lapha ukunika uNkulunkulu udumo. . .?. . . UNkulunkulu akubusise. . .?. . .

Qhubekani nokukhuleka wonke umuntu, qhubekani nokukhuleka, niseBukhoneni bukaNkulunkulu.

